

UNkk Angie Motshekga,
uNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo



UDkt Reginah Mhaule,
iSekela loMnyango weMfundo Eyisisekelo

Lezi zincwadi zokusebenzela zenzelwe abantwana baseNingizimu Afrika ngaphansi kwesandla sikaNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo, uNkk Angie Motshekga, neSekela likaNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo, uDkt Reginah Mhaule.

Lezi zincwadi ezibizwa ngeRainbow Workbooks ziyingxenye yoMnyango weMfundo Eyisisekelo lapho uMnyango uzama khona ukungenelela ukuze kuthuthukiswe imfundo yabantwana bamabanga asuka kwelokuqala kuya kwelesithupha eNingizimu Afrika. UMnyango weZimali uxhase lo mkhankaso kaHulumeni njengento yokuqala uHulumeni azibekele yona ukuthi ayisukumele. Uxhaso loMnyango weZimali lusize uMnyango wezeMfundo ukuthi ukwazi ukukhiqiza uphinde usabalalise ngaphandle kwenkokhelo lezi zincwadi zokusebenzela ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika ezisemthethweni.

Sinethemba lokuthi othisha bazozithanda basebenze kangcono ngazo lezi zincwadi ekufundiseni kwabo kwansuku zonke, baphinde bathole futhi isiqiniseko sokuthi abafundi babo bafundiswa konke abamelwe ukufundiswa khona njengoba kuvela kusilabhasi yabo. Sizamile ukuqiniseka ukuthi sifaka izithonjana (ama-icon) emisebenzini yokwenziwa ukuze uthisha akuthole kulula ukuyilandela nokuqonda ukuthi umfundi yini alindeleke ukuyenza.

Sinethemba futhi lokuthi abantwana uqobo lwabo bazokujabulela ukusebenzisa lezi zincwadi ekukhuleni kwabo bakhule nolwazi eziluqukethe, bese kuthi wena njengothisha wabo uthokoze kanye
nabo ekugcineni.

Sifisela wena nomfundi omfundisayo impumelelo ngenkathi usebenzisa lezi zincwadi.

# OKUDINGA UKWENZIWA YINTSHA yaseNingizimu Afrika


## Ukulingana

Phatha bonke abantu ngokufanayo nangokwamukelekayo. Ungacwasi.



## Isithunzi somuntu

Hlonipha wonke umuntu. Yiba nomusa ube nokunakekela.



## Impilo

Impilo yonke ibalulekile. Hlonipha yonke into ephilayo.



## Umndeni



Hlonipha abazali. Yiba nomusa wethembeke emalungwini omndeni.


## Imfundo

Ngena isikole, usebenze kanzima ekufundeni kwakho. Hlonipha imithetho yesikole.



## Ukusebenza

Siza umndeni emisebenzini eyenziwa ekhaya. Abantwana mabangaphoqelelwa ukuthola umsebenzi.



## Inkululeko nokuphepha



Ungalimazi, ungahluphi noma wesabise abanye abantu. Ungabavumeli nabanye abantu ukuthi bakwenze lokhu. Xazulula izinkinga zokungaboni ngaso linye ngendlela enokuzithoba.

## Impahla

Hlonipha impahla yabanye abantu. Vikela impahla yomuntu noma yomphakathi. Ungantshontshi.



## Inkolo, ukukholwa nemibono

Hlonipha inkolo nemibono yabanye abantu.



## Ukuphepha



Vikela umhlaba. Ungalimazi amanzi nogesi. Vikela izilwane nezitshalo. Qiniseka ukuthi izikole namakhaya enu kuhlanzekile.


## Ubuzwe



Yiba yisakhamuzi saseNingizimu Afrika esethembekile. Hlonipha imithetho, uqiniseke ukuthi nabanye abantu benza kanjalo.

## Ukukhululeka kokukhuluma

Ungaqhubekisi amanga nenzondo. Qiniseka ukuthi abanye abantu abedelelwa, abalinyazwa imizwa yabo.



Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education

Thirteenth edition 2023

ISBN 978-1-920458-74-4

This book may not be sold.

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

Le Ncwadi Yokusebenzela idinga ukusetshenziswa ndawonye nezinye onazo. Uma wenza ulimi, thola olunye ulwazi kuCAPS.

# INDLELA YOKUSEBENZISA LE NCWADI

Siyakwamukela kulesi sifundo solimi ebangeni elimaphakathi. Kuleli banga, le Ncwadi Yemisebenzi ihlelwe yalungiselwa ukuthi ikhulise ulwazi lolimi kubafundi bonke ukuze kukhule ikhono lokuxhumana empilweni yomfundi, kanye nolwazi lokufunda. Sethemba ukuthi izoba usizo le ncwadi ekuthuthukiseni amakhono olimi.

Le ncwadi ilungiswe yalandela uhlelo lwamasonto amabili olubalulwe kuCAPS. Emakhasini 1, 35, 69, Kanye nele-103, kuyo le Ncwadi Yemisebenzi, uzothola imiyalelo ecacisa ukuthi yini nani okumele ifundwe emasontweni ahamba ngamabili. Umjikelezo wamasonto amabili uqukethe lokhu okulandelayo:




**1 Ukulalela nokukhuluma – amahora ama-2 emasontweni amabili**

Kudingeka abafundi banikwe ithuba njalonjalo lokukhulisa ikhono Lokulalela Nokukhuluma ukuze bakwazi ukuqoqa ulwazi, baxazulule izinkinga, bethule nemibono. Le Ncwadi Yemisebenzi inemisebenzi embalwa yokukhuluma nokulalela engasetshenziswa ukuthuthukisa ikhono lukulalela nokukhuluma




**2 Ukufunda nokubukela – amahora ama-5 emasontweni amabili**

I-CAPS ibalula ukuthi abafundi kumele bafunde baphinde babone imibhalo esemkhakheni othile kulamasonto amabili. Lokhu kubandakanya: izindaba ezimfushane, ama-imeyili, idayari, idrama, izindaba zephephandaba, ubuciko bomlomo, izindaba zamaphephabhuku, izinkondlo, ama-eseyi, izikhangiso, nezinkombandlela. I-CAPS iphinde yengeze ukuthi kumele ukufunda lokho kuhambisane nemibhalo ebukwayo: amabalazwe, amashadi, amathebhula, imidwebo, uhlaka, amashadi esimo sezulu, amaphosta, izexwayiso, izithombe kanye namagrafu.

I-CAPS ibalula ukuthi kumele inqubo yokufunda ibheke okwenzeka ngaphambi kokufunda, ngenkathi kufundwa nangemuva kokufunda.





**3 Ukubhala Nokwethula – amahora ama-4 emasontweni amabili**

I-CAPS idinga ukuthi abafundi banikwe amathuba amaningi okubhala nokuhlela ukwenza ngcono ikhono lokwethula okubhaliwe, okulungiswe ngezinsizakubona kanye nokuhlelwa kwezindaba eziyizinhlobo ezahlukahlukene.




**4 Izakhiwo zolimi nezimiso – ihora eli-1 emasontweni amabili**

I-CAPS inohla lwemininingwane Yezakhiwo Zolimi nezimiso okumele zenziwe ebangeni ngalinye. LeNcwadi Yemisebenzi ehambisana nomjikelezo wamasonto amabili. Umsebenzi ngamunye unencazelo Kanye nezibonelo.




Thola omunye umhlahlandlela obizwa ngokuthi Incwadi Yokuqeqesha.

ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 2 2019/04/02 10:15:22

# Okuqukethwe

## Indikimba 1: Amaqiniso nokusuka ekhanda




**Imibiko yezindaba**
**IThemu 1: Amasonto 1 – 2**

**1 Zithini izindaba? 2**
Ufunda aqhathanise izindaba ezikumaphephandaba amane.
Ugxila esihlokweni, igama lentatheli wombhali, isigaba ephambili nezihlokwana ezichazayo.

**2 Ukufunda izindaba 4**
Uyasikhomba isihloko, ulayini wombhali, usuku, isigaba eyisingeniso nokusetshenziswa kokubukwayo nezihlokwana ezichazayo.
Uphendula imibuzo ngezindaba akhombe izindlela ezamukelekayo zokuzibhala.
Ukuhlola ukuqonda ngezindaba ezibhaliwe ngokukhomba isihloko, igama lentatheli nokuphendula imibuzo ngokuthi ngubani, yini, kuphi, nini, ngani.
Imisebenzi yokuhlola ulwazi lwamagama ebhekiswe emagameni asezindabeni ezisephephandabeni nencazelo yalawo magama. Kuyoxoxwa ngokuthi izihloko zibaheha kanjani abafundayo.
Isingeniso ngokusebenzisa izitho zomzimba ngokubukwayo, izihlokwana ezichazayo namafodo.

**3 Ukubhala indaba yephephandaba 6**
Uyahlela enze umzamo wokuqala indaba azoyibhala ephephandabeni esebenzisa imibuzo ephawulwe ngenhla: ngubani, yini, njll.
Ukuhlanganyela neqembu ngokuveza imibono ngokungenziwa. Usebenzisa Inqubo yokubhala ezilandelwayo ekubhaleni:ukuhlanganyela ekutholeni imibono,ukuhlelela okuzobhalwa, ukubhala umzamo wokuqala, ukuhlelela ukushicilela nokwethula.
Ubhala izindaba ngenkathi eyedlule. Ubhala izindaba zephephandaba esebenzisa isihloko, igama lentatheli wombhali nokunye okuvunyelwene ngakho.
Ulungisa abuye ethule inkulumo esuselwa endabeni esephephandabeni.
Ulungisa amanothi enkulumo azoyibhala ngenkathi eyedlule.
ubhala amagama amasha nezincazelo zawo esichazamazwini azakhele sona.

**4 Bhala kahle 8**
Isingeniso ngezindlela zokubuza. Imisebenzi ngokubuza. Isingeniso ngokudala ukuvumelana phakathi kwenhloko nesenzo.
Umsebenzi ngokuvumelana kwenhloko nesenzo.
Ubhala amagama amasha nezincazelo zawo esichazamazwini azakhele sona.

**5 Intombazana yesikole isindisa impilo yomfana 10**
Ufunda indaba ephephandabeni. Ugxila esihlokweni, igama lentatheli, isingeniso ephambili, usuku nezihlokwana ezichazayo.
Imibuzo ehlola ukuqonda esuselwa kokuqukethwe.
Ubuye axoxe indaba ngokulandelana kokwenzekayo.
Imisebenzi ebhekene namabizoqho namabizo ejwayelekile.

**6 Ezolimi 12**
Ukusebenzisa abacaphuni .
Ubhala imisho nenkulumombiko.
Ubhala umusho ophathelene nesihloko (osemqoka) afake neminininingwane ehambisana nawo ukuze kwakheke isigaba. Uyayicisha imisho engaphathelene nesihloko.

**7 Ukuzinakekela kwethu 14**
Ufunda izindaba ezimbili zamaphephandaba.
Ugxile emaphuzwini asemukelwe : izihloko, isingeniso, okubukwayo nesihloko (*topic*) esisemqoka.
Isivivinyo sokuhlola ukuqonda esisuselwa ezindabeni, kuqhathaniswa izindaba ezimbili.
Uchaza ikhathuni ehambisana nesihloko.
Ubhala amagama amasha nezincazelo zawo esichazamazwini azakhele sona.

**8 Ukuxoxa ngezindaba 16**
Ulungiselela ukwethula inkulumo. Udweba iphosta ehambisana nenkulumo.
Uhlola izinga lenkulumo nephosta esebenzisa amaphuzu okuhlola awanikiwe.
Ukwehlukanisa amagama nokubala amalunga. Umsebenzi wezimpawu zokuloba ophathelene nekhoma, ungqi, isibabazi, njll.

**Ubuciko bomlomo**
**IThemu 1: Amasonto 3 – 4**

**9 UNogwaja ukhohlisa uNdlovu noMkhoma 18**
Isingeniso sobuciko bomlomo.
Usebenzisa ukufunda okwandulelayo, imisebenzi nokubikezela kususelwa esihlokweni nemifanekiso.
Ufunda inganekwane egxile kubalingiswa, isizinda nesakhiwo.
Ubhala amagama amasha nezincazelo zawo esichazamazwini azakhele sona.

**10 Ukucabanga ngoNogwaja, uMkhoma noNdlovu 20**
Ugxila kokulindelekile kubalingiswa abathile, isifundo, okungokwabantu kodwa okusezilwaneni.
Ukuhlola ukuqondisisa ngokuqukethwe nokubhekiswa kukho.
Ukhetha izichasiso ukuchaza unogwaja.
Usebenzisa izichasiso ukuchaza izimpawu zesimilo sikanogwaja.
Uchaza isimilo somuntu.

**11 UNogwaja ukhohlisa uBhubesi noNgwenya 22**
Ubikezela okuzokwenzeka endabeni ususela emifanekisweni.
Ubhala indaba esebenzisa uhlaka nemifanekiso. Kumele kulandelwe inqubo yokubhala: ukubonisana ngokungenziwa, umzamo wokuqala, ukuhlela nokwethula indaba. Ufundela ikilasi/iqembu indaba kakhulu aphimisele.


**12 Izinhlobo zamabizo 24**
Isingeniso ngamabizomvama namabizosimo.
Umsebenzi ophathelene namabizomvama namabizosimo.
Ubukeza ngezabizwana.
Wehlukanisa amabizo ngamabizomvama, amabizosimo namabizoqho.
Uchaza ngezaga nezisho anikeze izinoazelo.
Ulwazi lwamagama: Umqondophika.

**13 Indoda eyathenga umthunzi 26**
Ubikezela okuzokwenzeka endabeni kususelwa emifanekisweni nasezihlokweni.
Uxoxa ngendaba: abalingiswa, isizinda nesakhiwo.
Ubhala amagama amasha nezincazelo zawo esichazamazwini azakhele sona.

**14 Emthunzini womuthi 28**
Wenza ukuba kulingiswe kususelwa endabeni ukuze kuchazwe abalingiswa nesakhiwo.
Uxhuma amabizo nezichasiso.
Umsebenzi ophathelene nomqondophika.
Unikeza izincazelo ngezingathekiso.
Kwenziwa isibonelo sezinye zaso.
Inkathi yamanje elula, eyedlule nezayo.

**15 Okunye futhi ngolimi 30**
Imisebenzi ephathelene nenkathi yamanje elula neyedlule kusetshenziswa ukuvumelana kwebizo nesenzo.
Ukuxhuma izaga nezincazelo zazo.
Ubhala amagama amasha nezincazelo zazo esichazamazwini azakhele sona.

**16 Umdlalo ngezinkathi 32**
Ukubukeza ngenkathi eyedlule elula, inkathi yamanje nezinkathi ezayo njengomdlalo webhodi.
Ubuye azihlole.
Ubuye azihlole ebheke imiphumela yamaphepha omsebenzi ayi-16 edlule.
Ubhala amagama amasha nezincazelo zawo esichazamazwini azakhele sona.

# Zithini izindaba?



Masikhulume

Ake ubheke ezihlokweni nezithombe zezindaba ezine zamaphephandaba utshele umngani wakho ukuthi ucabanga ukuthi indaba ngayinye ingani. Ngemuva kwalokho funda isingeniso yendaba ngayinye ubone ukuthi ungaqagela yini ukuthi indaba yonke iphathelene nani.

**Ngaphambi kokufunda**
- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba limayelana nani.
- Funda udlulise amehlo ukuba ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**
- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo.
- Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.



Isigaba sokuqala



Masifunde

## Isikole esisha saseNew Town

*NguJan Roux Intatheli Yezemfundo*

**UMhlonishwa uMphathiswa Wezemfundo uvule isikole samabanga aphansi esisha iNew Town ngoMsombuluko.**

UMphathiswa utshele izihambeli ukuthi lesi sikole esisha sakhiwe esifundazweni ukuze semukele abantwana abaningi. Wathi: "**isibalo sabantu** kule ndawo sikhule **kakhulu** kusukela kuvulwe imayini eNew Town, **sekuthutheleke** khona nemindeni ezofuna umsebenzi."


Ngenxa yokuthi abantu beza kule ndawo bevela ezindaweni ezingi zezwe, ulimi lokufundisa kuzoba yisiNgisi. Kuzokwenziwa imizamo ekhethekile nokho ukuqinisekisa ukuthi abafundi bayaqhubeka nokukhuluma, bafunde babhale ngezilimi zabo zasekhaya (isiPedi, isiXhosa, isiZulu nesiBhunu).

Izakhamuzi zale ndawo zajabula kakhulu ukubona intuthuko esidlondobele yesikole sabo abazali bahlanganyela sa noMphathiswa bo emkhosini wokutshala imithi.

Kunezinhlelo zokuba kuthuthukiswe umtapo wezincwadi walesi sikole kanye nezingadi zaso. UThandi Khosa oneminyaka eyi-12 wamamatheka wathi, "Ngijabula kakhulu ukuqala ibanga lesi-6 esikoleni esisha. Ngizozikhandla kabusha emsebenzini wami."



## Kushunqe intuthu



*NguJabu Dube iNtatheli Yezindaba*

Isigaba sokuqala

*Ibhasi lasedolobheni lasha langqongqa ngemuva kokuba kube nephutha ezintanjeni zikagesi.*

Ezinsukwini ezine ezedlule abagibeli bebhasi laseSunhill kwadingeka ukuba baphume **ngesamagundane** ngomnyango wangemuva nangokwephula iwindi elisemuva ebhasini. "Saba nenhlanhla ukuba sizikhiphe ebhasini izikhwama zethu zesikole," **kuqeketha** uSbu Ndidi esekhululekile.

Abagibeli basala **bendwazile** nje ngoba inkampani yebhasi yayingakwazi ukuletha elinye ibhasi.

Inkampani yamabhasi asedolobheni izowalungisa onke amabhasi ayo ukuze le nkinga ingabe **isaphindi** ivele.

# Babhaxabulwa!

Isihloko



*Ngu-Ann MacDonald*

*INtatheli yezemidlalo*

Igama lentatheli

**Ngesizini esigcine ngayo amaWarriors abewuhlupho eqenjini lamaSuper Girls.**

uLwesibili uMary Sithole weSuper Girls wafaka amagoli amabili, kanti u-Anna Smith noLouise Parker bengeza ngegoli elilodwa ngamunye, okwasiza ukuba iSuper Girls ibhaxabule iWestern Warriors ngamagoli a-4 kwayi-0 ngoLwesibili ezinkundleni zemidlalo zaseNew Town.

"Bekubaluleke ngempela kithi," kusho umqeqeshi. "Eminyakeni emibili eyedlule sidlala nabo bebesehlula, kodwa kube mnandi uma sigcina ngokubashaya."

Pho kwenzeka kanjani ukuba iqembu lihlulwe yimbangi yalo endala likhiphe isibhaxu samagoli a-4 kwayi-0? Ngokomqeqeshi wamaSuper Girls akukho okwedlula ukuba nabavikeli abaqinile - abenza ukuba amaWarriors agcine esezame kathathu nje ukushaya elibheke emapalini.

"Noma ukaputeni wethu wayelimele, sadlalisa **ababehleli ebhentshini** ngaphandle, nabo abafike benza izimanga," kusho umqeqeshi."

"Lokhu kunqoba kusigqugquzele ngempela!" kusho uMary Sithole. "Njalo nje uma sidlale kahle kanje sizwa sengathi alikho iqembu esingelehlule".

# Umfana utakula ingane

**Intombazana eneminyaka emithathu yakhishwa emfuleni ngumfana wesikole, uDumisani Mkhize wasesikoleni samabanga aphansi iNew Town esiKwaZulu-Natal.**

Kuthangi inganyana yashiywa inakekelwe ngudadewabo oneminyaka eyisishiyagalombili okwaba kona okwamenza wasusa amehlo kuyo, yabe isizula ishona emfuleni. UNkk. Dlamini woMnyango Wokuthuthukiswa Komphakathi uthi izingane kumele zihlale ziqashelwe ngumuntu omdala owethembekile.



*UDumisani Mkhize oneminyaka eyi-12 utakula inganyana.*



ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 3 2019/01/02 10:15:28

# Ukufunda izindaba







Masibhale

Phinda ufunde lezo nalezo ziqephu ezisephephandabeni. Emva kwalokho phendula imibuzo.

| Sithini isihloko? | Nikeza igama lentatheli? | Lesi sehlo senzeka nini? | Shono ukuthi kwakuyiluphi usuku. |
|---|---|---|---|
| 1 | | | |
| 2 | | | |
| 3 | | | |
| 4 | | | |



Masibhale

Dweba ulayini ozoqondanisa igama elingakwesobunxele nencazelo engakwesokudla.

| | |
|---|---|
| sekuthutheleke | sekusheshwa ngempela |
| esidlondlobele | sebefike baba baningi |
| ngesamagundane | ababehlezi belindele |
| kuqeketha | ekubehluleni |
| bendwazile | ekhuluma |
| ekuphophotheni | sekukhule kakhulu |
| ababecuphe | besele bengenakwenza lutho |



Masikhulume

Bheka izihloko usho ukuthi ucabanga ukuthi izindaba zimayelana nani. Izihloko zisiheha kanjani?









ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 4 2019/01/02 10:15:30

Usuku:




Masikhulume

Khetha izindaba ezimbili uzethule.




| Kwenzekeni? | Ngobani ababethinteka kulokhu? |
|---|---|
| | |
| | |
| | |
| | |





Masikhulume

Amaphephendaba avame ukusebenzisa izithombe. Buka umumo wezitho zomzimba ezihlokweni ezilandelayo bese uqondanisa isihlokwana esichazayo nesithombe. Gcwalisa inombolo efanele.

1 Laduma! Yithi abanqobile!


2 Angifuni ukuya esikoleni!

3 Yini kuthiwe angenze umsebenzi wesikole ekhaya njalo nje?


4 Kumele udle izithelo ezintsha nemifino, ukuyeke okunamafutha.

5 Kubalulekile ukuba izingane zifunde okubhaliwe nsuku zonke.


6 Ngijabule kabi!











UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 5 2019/01/02 10:15:37


# Ukubhala Isiqephu sephephandaba





Masenze

Ihlelele kahle indaba yakho ozoyibhalela iphephandaba. Xoxa nomngani wakho ngemibuzo esebalazweni lemibono.





1 Kwenzekeni?

2 Kwenzeke nini lokhu?

3 Ngobani ebebethinteka?


4 Kwenzeke kuphi?

5 Ngasizathu sini?




## BHALA OKUZOBA SEZINDABENI

- Qamba isihloko esihehayo.
- Isigaba sokuqala:Isingeniso kumele sitshele ofundayo ukuthi ngubani, owenzeni, nini, kuphi, ngani.
  Yenza isingeniso sakho sihehe.
- Izigaba ezimaphakathi: Zinikeze umfundi imininingwane ephelele. Caphuna imisho embalwa kokushiwo ngabantu obuxoxisana nabo.
- Isigaba sokugcina: Phetha ngamazwi acashuniwe noma ammangalisayo umuntu.



- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umzamo wokuqala
- Cela umngani wakho abheke amaphutha kumzamo wokuqala
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.



Masibhale

Bhala indaba yakho yephephandaba esikhaleni osinikiwe. Iphephandaba lakho linike igama. Yenza isihloko esihehayo bese ubhala indaba yakho, usebenzisa amanothi owenze ebalazweni lemibono. Uma usukwenzile lokhu, shintshanani ngezindaba zenu nabambalwa abasekilasini ukuze nithole ukuthi ngubani onendaba emnandi ngempela.



ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 6 2019/04/02 10:15:40

# Bhala kahle





Masibhale

Guqula le misho ibe yimibuzo.
Kukhona esesikuqalele yona.

Umbuzi uphawu olusetshenziswa ekugcineni emshweni obuzayo.

| |
|---|
| Ubegula izolo. |
| *Ngabe ube-* |
| Baye eThekwini ngoZibandlela. |
| *Ngabe ba-* |
| Ufunde iphephandaba izolo ebusuku. |
| *Ngabe u-* |
| Bagijime emjahweni izolo. |
| *Ngabe ba-* |
| Baphumelele emdlalweni wabo izolo. |
| |
| Uthenge ingubo enhle. |
| |
| Bebedlala ibhola lapho seliqala ukuna. |
| |
| Ubephethwe yikhanda |
| |
| Linile izolo |
| |
| Inja ikhonkothe ikati. |
| |



Inhloko nesenzo kuyavumelana emshweni. Umusho obhaleke kahle inhloko nesenzo kuyavumelana .

1. Umfana umba umgodi. (Umfana oyedwa)
2. Abafana bamba umgodi. (Abafana abangaphezu koyedwa)



Masibhale

Yenza inhloko ngayinye ivumelane nesenzo sayo. Dwebela inhloko bese ukhetha isenzo esihambisana nenhloko.

1. UJabu **bahlala**/**uhlala** ePolokwane.
2. Intombazana **adlala**/**idlala** ibhola lomnqakiswano eqenjini lokuqala.
3. Abafana ababili **bashayela**/**ushayela** izimoto zamathoyisi.
4. UDudu **baya**/**uya** esikoleni iNew Town.
5. Thina **badlala**/**sidlala** eqenjini lebhola lezinyawo labangaphansi kweminyaka eyi-12.
6. Iqembu **lingeli**/**anga-** -phambili esifundazweni.



ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 8 2019/04/02 10:15:42

Usuku:

# Isabizwana

mina wena nina sona
leli lokho lesiya
Isabizwana soqobo
Isabizwana sokukhomba

Isabizwana yigama elimele ibizo emshweni.Kuyenzeka lisebenze nalo ibizo emshweni. Kwesinye isikhathi lisebenza. Lapha sizobhekisa izinhlobo ezimbili nje zesabizwana, esoqobo nesokukhomba.

| ISABIZWANA SOQOBO | | | |
|---|---|---|---|
| Lesi sabizwana sibonakala ngesijobelelo -ana. Nazi izibonelo, ubunye nobuningi: | | | |
| mina | thina | wena | nina |
| (ubaba) yena | (obaba) bona | (umuzi) wona | (imizi) yona |
| (itshe) lona | (amatshe) wona | (isisu) sona | (izisu) zona |
| (into) yona | (izinto) zona | (uthi) lona | (izinti) zona |





Zikhona phela ezingangeni ngaphansi kobunye nobuningi: (ubuhle) bona, (ukudla) kona.

Masibhale

Dwebela izabizwana zoqobo kule misho.

| | |
|---|---|
| Yona incwadi  ngiyayifunda. | Singabantwana besikole thina. |
| Uselethe  sona isipho sethu. | Kodwa nina nifunani lapha? |
| Uyakuthanda kona ukudla kwakhe. | Buhle bona ubuso bakhe |
| Bengingazi ukuthi bazonginika zona. | Noma wona ubaba ngiyawuphuza. |

Isabizwana **sokukhomba** sibhekisa ekuthini okukhulunywa ngakho kukude kangakanani nokhulumayo. Kungaba seduze, noma bumaqamama noma kude.Naso singazimela noma sihambisane nebizo esibhekise kulo.

| ISABIZWANA SOKUKHOMBA | | SOKUKHOMBA |
|---|---|---|
| Eduze | Buqamama | Kude |
| (umuntu)  lo | lowo | lowaya |
| (imithi) le | leyo | leyaya |
| (ipeni) leli | lelo | leliya |
| izinto (lezi) | lelo | leziya |
| (amanzi)  la | lawo | lawaya |
| (usuku) lolu | lolo | loluya |
| (ubuhlalu) lobu | lobo | lobuya |
| (ukudla) lokhu | lokho | lokhuya |

Bheka le misho elandelayo, udwebele izabizwano zoqobo, ukokelezele izabizwana zokukhomba.

| | |
|---|---|
| Phela mina ngifuna ingubo leyo. | Lezi zincwadi ngezikaJabu. |
| Kodwa wena awuyiboni le nto? | Nina thathani la maswidi niphe lezi zingane. |
| Izincwadi lezi bona zizobasiza. | |

UTHISHA: Ukusayina ____ Usuku ____



ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 9 2019/01/02 10:15:43

# Intombazana yesikole isindisa impilo yomfana



- Ngaphambi kokufunda le ndaba esephephandabeni bheka isihloko nesithombe. Zama ukuthola ukuthi le ndaba ikhuluma ngani.



Masifunde

Ngu-E Smith Intatheli Yezindaba

27 Nhlolanja 2015

## Umbhukudi osemncane utakule umfana

**UBongi Shabalala umfundi oneminyaka eyi-12 ofunda iBanga 5 eFundani Primary School utakule umfana wesikole eseminza edamini.** UMichael Naidoo ubebhukuda edamini iRough Dam eliseduze nesikole. Ngokusho kwemibiko lo mfana ofunda iBanga lesi-3 ubezama ukutshuza esuka emthini, kodwa washaya igatsha ngekhanda ngaphambi kokuwela emanzini. UBongi obesuka esikoleni eya ekhaya wambona lo mfana entanta edamini. UBongi wavele wangena edamini ukuyotakula umfana. Phela le ntombazana ingukaputeni wababhukudi esikoleni sayo, kanti futhi inesitifiketi sosizo lokuqala.



UBongi waletha umfana osebeni lwedamu wamphaphamisa. Wayeyazi indlela yokuphefumulisa umuntu ngokuxhuma imilomo. AbeNhlangano Yesiphambano Esibomvu bathi izindlela zokusindisa impilo ezifana nale azilukhuni, kodwa kumele kusheshwe. Uma umuntu engasaphefumuli kumele kwenziwe okuthile masinyane.

Ngenhlanhla, umngani kaBongi u-Ann Brown wayedlula kuyo le ndawo okwakwenzeke kuyo ingozi. Inja yakhe yaqala ukukhonkotha, u-Anne wase eya lapho uBongi wayesiza kona umfana. Wazisa uThishomkhulu, owabiza abemisebenzi yokutakula.

UBongi uzothola umklomelo ngesibindi sakhe nokusindisa impilo kaMichael Naidoo.

UThishomkhulu uNkk Makhanya, wathi wayesexwayise zonke izingane zesikole ukuba zingakwenzi okungafuneki. Akufuneki ukuba zihambe zodwa ukuya edamini.

UThishomkhulu usecele zonke izingane ukuba ziye ezifundweni zosizo lokuqala nezokubhukuda.



Masikhulume

Xoxela umngani wakho ngokulandelana kwezehlakalo kulokhu okubikwa iphephandaba.





ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 10 2019/01/02 10:15:45

Usuku:



Masibhale

Funda indaba esephephandabeni bese uphendula imibuzo elandelayo.



Sithini isihloko esisephephandabeni?

Ubani umbhali wesiqephu sephephandaba?

Yenzeka ngaluphi usuku le ngozi?

Kwenzekani kuMichael Naidoo? Bhala le misho emithathu uchaze okwenzeka. Qala imisho yakho ngendlela ekhonjisiwe.

| 1) Ekuqaleni wa- | 2) Emva kwalokho wa- | 3) Ekugcineni wa- |
|---|---|---|
| | | |
| | | |
| | | |
| | | |
| | | |
| | | |

Yimaphi amakhono amabili ayenawo uBongi asiza ekusindiseni impilo kaMichael?

Phinda ufunde indaba esephephandabeni. Dwebela **amabizoqho** (amagama abantu nezindawo) ngombala obomvu, udwebele **amabizomvama** (amagama ezinto) ngombala oluhlaza. Manje-ke faka amabizo ngaphansi kwezihloko ezifanele.

Amabizoqho ngamagama abantu, izindawo nezinto. Njalo nje aqala ngosonhlamvukazi.

| UMUNTU | | INDAWO | | INTO | |
|---|---|---|---|---|---|
| Bongi | | Fundani School | | umuthi | |
| | | | | | |
| | | | | | |
| | | | | | |



ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 11 2019/04/02 10:15:46

## Inkulumo mbiko

Sisebenzisa abacaphuni ababili uma igama lomuntu okhulumayo lifakwa phakathi kwalokho okushiwoyo, kanje:

- "Sengikucele kabili" kusho umama, "ukuba uwashe ipuleti."
- "Cosha lo doti" kusho uthisha. "Leli bala lingcolile."





**Masibhale** Sebenzisa abacaphuni kule misho:

Uma sibhala igama lefilimu, iDVD, ividiyo noma incwadi silifaka kubacaphuni, kanje:

- Sengiyibonile ifilimu "*Mad Buddies*".
- Sengiyifundile incwadi ethi: "Umhlaba Uyahlaba".

1. Uzoya ngebhayisikili edolobheni? Kubuza uBongi.
2. Lidlalwaphi ibhola lezinyawo ngoMgqibelo? Kubuza u-Ann.
3. Usuyibonile ifilimu ethi Shrek?
4. Uzoyifunda incwadi ethi *How Hare Tricked Lion and Crocodile*?
5. Kumele ngiyifunde incwadi ethi *Children's Play*.
6. Qedela umsebenzi wesikole owenza ekhaya, kumemeza umama, ngaphandle kwalokho ngeke uyibuke iTV.
7. Usenkathazweni ngempela. Umama wakho ukubonile wenza lokho.
8. Ngikhathele kabi, kusho uMandu. Ngizolala ngehora lesi-7 kusihlwa.
9. Laze lanuka kamnandi lelo khekhe, kusho uMkhulu kuMandu, ngenkathi elikhipha kuhhavini.
10. Ngiyafisa, kusho uThandile, sengathi ngabe ngiyazi ukuthi kuzoba ngubani uthisha wami ngonyaka ozayo.

**Phinde ubhale le misho ngenkathi yamanje.**

UBongi wasindisa umfana wesikole owayeminza edamini.

Wayezama ukutshuza esuka emthini.

UBongi wavele wangena edamini waletha umfana osebeni.



ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 12 2019/04/02 10:15:47

Usuku:

Masibhale

Bheka imisho engezansi ususe leyo engaphathelene nesihloko. Bhala manje isigaba esikhaleni esingezansi. Imisho kudingeka uyilandelanise kahle.

Isigaba esibhaleke kahle kumele sibe nomqondo owodwa.

UBongi wasindisa umfana. (umusho wesihlokwana)

Umfana wangena emanzini.

UBongi wabona umfana esemanzini.

Amahlamvu aluhlaza.

Washayisa ikhanda lakhe egatsheni wawela emanzini.

Idamu lihle.

Ngenhlanhla uBongi wayedlula.



Masibhale

Dwebela umqondo osemqoka.

Umngani wami ushiywa yibhasi cishe njalo nje ekuseni.

Umakhalekhukhwini wami uwile walimala.

Mina ngiya ukuyofundela umculo wekhwaya njalo ngosuku lwesibili.

UFana wayilahla incwadi ngoba yayimanzi.



ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 13 2019/01/02 10:15:48

# 7 Ukuzinakekela



Masifunde

- Kukhona izindaba ezimbili ezintsha kuleli khasi.
- Bheka isihloko bese ubheka imifanekiso.
- Uma ucabanga lezi zindaba zingani?
- Kukhona yini okwejwayelekile okukuzo zombili lezi zindaba?



**Iphephandaba Lezwe** 13 kuNdasa 2015

## Imithetho emisha ivikela izingane

Izingane zomhlaba ezingaphezu kohhafu ziphefumula umoya onukubezwe yintuthu kagwayi kanti ama-5% ayo yonke imililo eshayo eNingizimu Afrika ibangwa ngusikilidi.

Imithetho emisha elwa nokubhema yenzelwe ukuba zivikeleke ngokuthe xaxa izingane. INhlangano Yomhlaba Yezempilo iyasixwayisa ngokuthi ukubhema ungahlosile (ukubhema intuthu kasikilidi womunye umuntu) kuyingozi enkulu empilweni, ikakhulu ezinganeni. Imithetho emisha yaseNingizimiu Afrika elwa nokubhema ishayelwe ukuvimba abantu ukuba bangabhemi eduze nezingane. Lokhu kuzozivikela emonakalweni wokubhema okungaqondile okudala isifuba somoya, umbefu (*wheezing*), ibhronkayithasi noma ezinye izifo zamaphaphu. Imithetho emisha yenza kube ukwephula umthetho ukubhema emotini okukhona kuyo izingane ezineminyaka engaphansi kweyi-12, kanti akuvunyelwe muntu ongaphansi kweminyaka eyi-18 ukuba abe sendaweni okubhenywa kuyo. Ngaphezu kwalokhu izinkampani ezikhiqiza ugwayi manje sezinamathelisa izithombe emaphaketheni kagwayi ukukhombisa ababhemayo ukuthi ukubhema akulungile empilweni yomuntu, kanti akufanele ukuba zichaze ugwayi ngamatemu athi "*low tar*" (itha ephansi), "*light*" (kulula) nokuthi "*mild*" (kuthambile). Phela ezinye izinkampani zogwayi zibhala la matemu emaphaketheni ogwayi ukuze abantu bacabange ukuthi uma kuthiwa usikilidi ululana awunangozi njengalowo owejwayelekile. Kodwa lokhu kuyedusa. Usikilidi olula awuyinciphisi ingozi yezifo zawo. INhlangano Kazwelonke Elwa Nokubhema (National Council Against Smoking – [NCSA]) iphawula ithi: "Umthetho omusha uzoba nomthelela omkhulu empilweni yomphakathi. Abantu abangama-22% eNingizimu Afrika bayabhema, kanti abanye abangama-78% abakuthandi ukuhogela intuthu yogwayi womunye umuntu. Ukubhema yiyona mbangela ephambili yokufa kwabantu kungakabi sikhathi, kube kungukufa obekungavinjelwa. Ugwayi ubulala abantu baseNingizimu Afrika abayizi-44000 minyaka yonke, lokhu kungukuphindwa kathathu kwabantu abafa ezingozini zemigwaqo.



***National Geographic Kids*** **August 2015**

## Kushunqe intuthu

Kwathi lapho umzanyana uMaria Howard ezwa uWillie upholi ethi "Mama umntwana!" wavele wazi ukuthi kukhona okonakele. Wagijima wayobheka ukuthi kwenzenjani, wathola ukuthi uHanna Desai oneminyaka emibili ubindwe ukudla, useqala ukuba luhlaza ngoba wawungasangeni umoya emaphashini akhe. UMaria waphumelela ukukhipha lokhu kudla (esebenzisa iqhinga ayelithole ezifundweni zosizo lokuqala) uHanna wasinda.

UWillie wayebona ukuthi uHanna usenkingeni, wase efuna uMaria ukuba azomsiza. Lo chwepheshe weNational Geographic uthi opholi bayizinyoni ezihlakaniphe kakhulu. "Bayakwazi ukuzizwela nje uma kunesimo esethusayo. Kuba nokuxhumana okuqinile phakathi kwabo nabantu, bayizwa kalula ingozi."

Namuhla uHanna uphilile, futhi ujabule, kanti upholi uWillie akafuni ukuba kube nesikhathi lapho engayiboni kona le ngane. Uyilandela noma kuphi lapho ishona kona ade ethi: "*I love you*" (Ngiyakuthanda).

*(Iguqulwe isuselwa emqulwini: National Geographic Kids August 2010)*





ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 14 2019/04/02 10:15:50

Usuku:



Masibhale

Zifunde zombili izindaba bese uphendula le mibuzo.

Yini efanayo, etholakala kuzo zombili lezi zindaba?

Imithetho elwa nokubhema izozivikela kanjani izingane?

Yini sithi kuyedusa ukuba kubhalwe ukuthi "kulula" ephaketheni likasikilidi?

Yibaphi ochwepheshe okucashunwe abakushoyo kulezi zindaba ezilwa nokubhema?

Yimuphi uchwepheshe okucashunwe amazwi akhe endabeni kapholi?

Yini ukubhema ungahlosile?
(Ukukusiza: Bheka encazelweni ekubakaki endabeni yephephandaba.)

Le khathuni igudlisela ukuthini ngokubhema?



UTHISHA: Ukusayina ____ Usuku ____



ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 15 2019/01/02 10:15:51

# 8 Ukuxoxa ngezindaba





Masikhulume

Lungisa isethulo ozosenza ukutshela abafundi beBanga lesi-6 ngengozi "yokubhema ungahlosile", nokuthi yini kuthiwe akunampilo. Bhala amaphuzu amane asemqoka ozowafaka enkulumeni yakho.

Manje-ke yenza iphosta ukukhombisa ukuthi ukubhema eduze kwezingane kuyingozi kuzo. Uma sewuyiqedile iphosta, sebenzisa imibono engaphesheya ukuhlola ukuthi yenzeke kahle yini.



ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 16 2019/04/02 10:15:53

Usuku: ____________

## SISEBENZA NGAMAGAMA

**Ukwehlukaniswa kwamagama**

Dweba umugqa ukwehlukanisa la magama ngamalunga, bese ufaka inombolo yamalunga oyitholile. Emva kwalokhu, khetha amagama ayi-8 uwasebenzise ekwenzeni imisho encwadini yokubhalela.

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| phelekezela | | ngengozi | | okunye | |
| wathola | | ilunga | | phindeka | |
| kwenzeka | | abagibeli | | wethula | |
| ku/ba/ba/za | 4 | umbuzo | | ukudizayina | |

**Masibhale** Ngabe lokhu yimibuzo, izitatimende noma imiyalo?

Gcwalisa ngalokhu ? noma ! noma . .



Ibhasi lizosuka nini ☐

Ungaweli uma irobhothi libomvu ☐

Uyoyidlala ishesi kusasa ☐

Xuba ibhotela noshukela ☐

Kuyashisa namhlanje ☐

Ngabe uthi liyokuna kusasa ☐

**Masibhale** Sebenzisa lolu luhla lwemibuzo lokuhlola isethulo sakho nephosta. Beka uphawu (✓) ukukhombisa ukuthi 🙂 kuhle kakhulu 😐 kuhle ngokwanele 🙁 akukuhle neze.

### Uhla lokuhlola lwephosta

| | 🙂 | 🙁 | 😐 |
|---|---|---|---|
| Ngabe isihloko sakhona siyamheha osibukayo? | | | |
| Ngabe iphosta inaso isithombe ukwesekela umyalezo okuyo? | | | |
| Ucabanga ukuthi lo myalezo uzobakhuthaza abantu ukuba beyeke ukubhema? | | | |
| Ngabe imininingwane ekule phosta yiyonayona? | | | |
| Ingenziwa kanjani ibe ngcono le phosta? ____________ | | | |

### Uhla lokuhlola lwesethulo

| | 🙂 | 🙁 | 😐 |
|---|---|---|---|
| Ngabe inkulumo yami ngiyethule ngokulandeleka kahle? | | | |
| Ngabe nginikeze ulwazi olwanele ngesihloko? | | | |
| Ngabe ngisebenzise ulimi olubafanele abebengilalele? | | | |
| Ngabe bengigxile kwabebengilalele ngenkathi ngethula inkulumo? | | | |



UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 17 2019/04/02 10:15:55

# 9 UNogwaja ukhohlisa uNdlovu noMkhoma



Masikhulume

- Bheka izithombe bese usho ukuthi le ndaba iphathelene nani.
- Bheka abalingiswa abehlukene nesizinda indaba eyenzeka kuso.

- Yileso naleso sizwe sinezindaba zaso esizithandayo abantu abahlale bezixoxa ngokuziphinda.
- Lezi zindaba kuthiwa yizinganekwane.
- Lena yinganekwane ngonogwaja onamaqhingana amaningi.

Kwasukasukela!Cosu!



Masifunde

Ngelinye ilanga uNogwaja wayehamba osebeni lolwandle wase ebona uNdlovu ekhuluma noMkhoma. UNogwaja wayefuna ukuzwa ukuthi laba ababili bathini, ngakho walala esihlabathini walalela kahle.

UMkhoma wayethi: “Ndlovu, nguwena onamandla kunakho konke eMhlabeni, kanti mina nginamandla kunakho konke oLwandle. Uma singababmbisana singenza ukuba zonke izilwane zenze intando yethu.”

“Yebo,” kusho uNdlovu, “uqinisile! Ngumbono omuhle lowo. Kumele sisebenzisane.”

Kodwa uNogwaja ekhuluma yedwa wathi, “Ngeke ngivume ukuba kwenzeke lokho. Ngeke bangibuse mina. Ngizobenzela ubuqili.” Wayesuka njalo, ethi gxu, gxu, eyongena ehlathini. Lapho wafica intambo ende eqinile. Wase ebuyela osebeni lolwandle eyokhuluma noMkhoma.



“Mkhoma,” kusho uNogwaja, uyisilwane esinamandla kabi. Ngingakucela ukuba ungisize?” “Yebo, ngingakusiza,” kusho uMkhoma, esejabule ngoba kuthiwe akasize ngoba enamandla. “Ngingakwenzelani?”

“Cha,” kusho uNogwaja, “inkomo yami ibhajwe odakeni laphaya ehlathini. Ungangisiza yini ngokungikhiphela yona?”

“Yebo,” kusho uMkhoma, “ngingajabula nami ukukusiza.”

UNogwaja-ke wase ebophela intambo eqinile emsileni kaMkhoma. UNogwaja wathi, “Ngizohamba ngiyoyibophela ngaleya enkomeni. Linda-ke kuze kuthi lapho sengishaya isigubhu wena uqale ukudonsa.” UNogwaja washiya uMkhoma osebeni lolwandle wahamba eseyofuna uNdlovu. “Ndlovu,” kusho yena, wena uyisilwane esinamandla amakhulu. Ngicela ukuba ungisize.”

**Ngaphambi kokufunda**

- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba limayelana nani.
- Funda udlulise amehlo ukuze ukuba ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**

- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo.
- Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.



ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 18 2019/04/02 10:15:57



"Hhayi, kulungile" kusho uNdlovu, esejabule ngoba ecelwe ukuba asize ngoba enamandla. "Ngingakwenzelani-ke?"

"Cha," kusho uNogwaja, "inkomo yami ibhajwe odakeni laphaya ehlathini. Ungangisiza yini uyongikhiphela yona?"

"Yebo," kusho uNdlovu, "ngingajabula ukukusiza". Phela nginamandla mina, ngingadonsa izinkomo ezingamashumi amabili!"


"Ngiyabonga," kusho Nogwaja, ebophela intambo eqinile embokweni kaNdlovu. UNogwaja wathi, "Ngizohamba ngiyobophela ngaleya enkomeni. Linda-ke kuze kuthi lapho sengishaya isigubhu wena uqale ukudonsa," esho esuka ngejubane.

Esesehlathini uNogwaja wahlala phansi washaya isigubhu sakhe esikhulu. UMkhoma waqala ukudonsa, noNdlovu waqala ukudonsa, intambo yaze yeluleka yaqina. UNdlovu wathatha esinye isigaba sentambo wasibophela embokweni, uMkhoma wazithola esedonsekela osebeni lolwandle. Lokhu kwamthukuthelisa, wase egxumela olwandle. Kwasho ukuthi useyidonsile intambo. Lokho kudonseka kwentambo kwenza ukuba uNdlovu adonseke, ashelele aze ayophonseka olwandle. Wathukuthela kabi uNdlovu, wase edonsa ngamandla akhe onke. Lokhu kudonsa ngamandla kwadonsa uMkhoma kwamkhiphela ngaphandle kwamanzi.

"Ngubani lo ongidonsayo?" kubuza uMkhoma.

"Ngubani lo ongidonsayo?" kubuza uNdlovu.

Base bebona ukuthi yilowo nalowo ubambe isigaba sokugcina sentambo.



"Ungikhohlisile!" kubhonga uNdlovu. "Ngizokufundisa ukuthi angenziwa isilima mina!" kusho uMkhoma.

Baqala futhi ukudonsana ngentambo. Kodwa manje yanqamuka intambo, uMkhoma noNdlovu bawela emuva. Lokhu kwabathukuthelisa kangangoba babengasafuni ukukhulumisana futhi. Kwasho ukuthi kubo bobabili akekho owakwazi ukubusa zonke izilwane emhlabeni, nazo zonke izilwane olwandle. UNogwaja yena wazihlalela ehlathini, wahleka, wahleka wahleka!

Cosu!Cosu! Iyaphela!



ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 19 2019/01/02 10:15:57

# 10 Ukucabanga ngoNogwaja, uMkhoma noNdlovu




Ukucabanga ngendaba.

- Yini isakhiwo sale ndaba?
- Yini eyenza ukuba uNdlovu noMkhoma bacabange ukusebenzisana?
- Ucabanga ukuthi uNogwaja wayefuna ukukuvimba lokho?
- Ucabanga ukuthi uNdlovu noMkhoma basakhulumisana nje kulezi zinsuku?
- Ucabanga ukuthi yini eyenza ukuba uNogwaja akubone kuyihlaya konke lokhu?
- Xoxela umngani wakho le ndaba izinto zilandelane ngokufanele.




Insumo (*fable*) yindaba yokudaliwe, izilwane, izitshalo nezindawo konke okunomlingo othile. Lena yindaba enesifundo esithile. Izinsumo eziningi zinezilwane ezikhulumayo, kweziningi sithola onogwaja, izimpungushe okunezimpawu ezaziwayo nje zokuba ngamaqili akhohlisa abanye abalingiswa. Konke okukwenzayo kuhambisana nezimpawu osekwanikwa zona ngabaxoxi?

Wenzani uNogwaja lapho esefuna ukuzwa ukuthi uMkhoma noNdlovu bakhuluma bathini?


Yini uNogwaja acela uMkhoma noNdlovu ukuba bamsize ngayo?

Yini uNogwaja abophela kuyo intambo?

Kwenzekani kuMkhoma nakuNdlovu?

Yini eyenza uNogwaja abalekele ehlathini?

Ungathanda yini wena ukuba nomngani ofana noNogwaja? Ngani?





ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 20 2019/04/02 10:15:58

# 11 UNogwaja ukhohlisa uBhubesi noNgwenya



Masenze

Ake ubhekisise lezi zithombe eziyisishiyagalombili ukuze ubone ukuthi indaba yakhona ingani. Emva kwalokho sebenza nomngani.

- Shono ukuthi kwenzekani esithombeni ngasinye. Le ndaba icishe ifane neyokuqala.
- Manje-ke xoxa le ndaba ngamazwi akhulunywa yizilwane. Lokhu kusho ukuthi indaba izoba nalokho okushiwo yizilwane.

Bhala umzamo wokuqala ephepheni eliseceleni nje, bese ucela umngani wakho ukuba akuhlolele ukuthi kuzwakala kanjani.

Sebenzisa la mazwi ukuze akusize.

- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umgqakazo
- Cela umngani wakho abheke amaphutha emgqakazweni
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.

okushisayo | -julukile | izandla ezinqulwini | imbali | intolibhantshi enemithende | izandla ezinqulwini | wabheke | inyamazane | isikhova emthini | wadonsa wadonsa | nginamandla angaphezulu | wahleka | isikhova emthini | intambo eqinile | uyahleka | inyoni | inkawu | kuwugqinsi | igundane | -thukuthele






Masibhale

Manje-ke bhala indaba ngobunono eduze nesithombe esifanele












ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 22 2019/04/02 10:16:01

# 12 Izinhlobo zamabizo

Usuyazi manje ngamabizomvama namabizoqho. Ake sicabange ngamabizoqoqa namabizosimo.

## Amabizomvama

Lana ngamagama ezinto ongazibona uzithinte.










Manje-ke bhala amabizo ejwayelekile ozicabangela wona.

___

___

___

## Amabizoqho

Lawa ngamagama abantu abathile, ezindawo, ezincwadi, amafilimu, njll. Ibizoqho liqala ngosonhlamvukazi.









Gcwalisa amagama abantu nezindawo ethebhuleni elingezansi.

| Abantu | Izindawo |
|---|---|
| | |
| | |

## Amabizoqoqa




Lana ngamagama amaqoqo abantu noma izinto.




Bhala amabizoqoqa owaziyo


___

___

___

## Amabizosimo

Lana ngamagama ezinto esingeke sizibone, sizithinte, sizihogele noma sizizwe.




Bhala amabizosimo athile.

___

___

___



## Masibhale

Hlunga la mabizo uwafake kumakholomu afanele. Sebenzisa usonhlamvukazi kuwo wonke amabizoqho.

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| ikhalenda | ukujabula | isihlalo | uthando | u-anna | umklomelo |
| ingubo | uJacob | ithemba | ulaka | ulwazi | izinyo |
| usmith | ukwethemba | isigqoko | ukuqhosha | ikhompyutha | incwadi |
| uzuma | iqiniso | ukuthula | isibindi | epolokwane | ujulayi |

| AMABIZOMVAMA | AMABIZOQHO | AMABIZOSIMO | |
|---|---|---|---|
| | | | |
| | | | |
| | | | |
| | | | |
| | | | |
| | | | |



ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 24 2019/01/02 10:16:09

Usuku:

# Izisho



Masibhale

Khuluma neqembu lakho ngencazelo yezisho ezidwetshelwe. Emva kwalokho bhala ukuthi ucabanga ukuthi zisho ukuthini.

**Izilimi zonke zinamagama angasho akuqondile.**

Isibonelo, sithi "Bangamathe nolimi," siqonde ukuthi bayezwana.

Ingane yakhe seyimathambo. Kusho ukuthi ayidli kahle noma iyagula.

Mtshele aqunge isibindi. Angilifuni igwala lapha.



Lapho bahlezi emanzini kulezi zinsuku. Kubahluphile ukushonelwa ngunina,

Unekhanda elilula. Angingabazi ukuthi uzophumelela.

Dweba izithombe ukufanekisa izisho ezimbili.

Omqondophika ngamagama asho okuphambene nokushiwo ngamanye.

Manje qondanisa la magama nomqondophika bawo. Uma sewenze lokhu, yehlukanisa igama ngalinye ngamalungu alo.

| okududuzayo | okuncane | okwejwayekile | umqondophika | ulaka |
|---|---|---|---|---|
| | | | | |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| o/ku/ba/ba/ze/ka/yo | okwethusayo | umqondofana | okukhulu | ububele |

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 25 2019/04/02 10:16:10

# 13 Indoda eyathenga umthunzi

**Ngaphambi kokufunda**
- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba limayelana nani.
- Funda udlulise amehlo ukuze amehlo ekhasini ukuze ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**
- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo. • Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.



Masikhulume


- Ucabangani ngesihloko saleli khasi lokusebenzela?
- Uma ucabanga uthi le ndaba ingento eyenzeka ngempela?

Manje ake ubuke izithombe bese usho ukuthi le nganekwane ivela kuliphi izwe.












Masifunde

Kwasukasukela!Cosu!
Kwakukhona indoda eyayicebe kakhulu. Okudabukisayo ukuthi kwakuyindoda embi, enonya. Yayiyimbi ngangokuba bonke abantu emzini lowo babeyesaba. Akekho owayeke asondele endlini yayo noma akhulume nayo. Ngelinye ilanga lishisa ngempela, le ndoda embi yalala emthunzini ngaphansi komuthi, ngaphandle kwendlu yayo. Lapho isiphaphama yathola kukhona insizwa eduze kwayo, nayo eyayithokozela lo mthunzi.



**Isicebi:** Ufunani lapha wena? Suka, ngumthunzi wami lo!

**Insizwa:** Awukwazi ukuba ngumthunzi wakho lo. Lo muthi ngowomuzi wonke.



**Isicebi:** He! Lo muthi nomthunzi wawo ngowami.

**Insizwa:** Uma kunjalo-ke, mnumzana, ngicela ukuba ngiwuthenge umthunzi womuthi wakho.

**Isicebi:** Umthunzi wami ungawuthenga ngezinhlamvu zegolide eziyisihlanu.

**Insizwa:** Nakhu, mnumzana, thatha nanti igolide.



Indoda embi yafaka igolide ephaketheni layo, ihleka yodwa, yase ibuyela endlini yayo.



ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 26 2019/04/02 10:16:12

Usuku:



Kamuva laqala ukushona ilanga, umthunzi walokhu weluleka uba mude waze wamboza indlu yale ndoda embi. Insizwa yase iza ngesibindi esikhulu kule ndlu.

**Isicebi:** Ufunani manje endlini yami? Suka lapha lesi siphukuphuku somfana.

**Insizwa:** Mnumzana, umthunzi womuthi umboze le ndlu, umthunzi-ke ngowami. Ngakho-ke nendlu le sekungeyami.



Indoda embi yathukuthela yashiya le ndlu unomphela, bonke abantu bomuzi beza ukuzobona indlu yayo enkulu nokuthokozela umthunzi womuthi. Bayibonga kakhulu insizwa ngokubasiza.

*Inganekwane evela eJaphane*

Cosu!Cosu! Iyaphela!



Masikhulume

Ucabanga ukuthi le ndaba iyiqiniso? Ngani?

Singafundani endabeni enje?

Uma ucabanga yini eyenza ukuba abantu bamazwe ehlukene omhlaba baxoxele izingane zabo izindaba ezinje?



Masibhale

Funda indaba bese uphendula imibuzo.



Ngobani abalingiswa kule ndaba?

Yini eyenza ukuba indoda embi ihleke yodwa ngenkathi ifaka igolide ephaketheni layo?



ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 27 2019/01/02 10:16:17

# 14 Emthunzini womuthi




Emaqenjini enu idlaleni ngokuyilingisa le ndaba. Kuzoba lula lokhu ngoba ibhalwe njengomdlalo. Nokho nina inikeni isiphetho esisha. Yethulani umdlalo wenu ekilasini. Nqumani ukuthi yiliphi iqembu elinesiphetho esihle ukwedlula zonke.






Kokelezela izichasiso kulowo nalowo musho. Emva kwalokho dwebela amabizo achazwayo.

| |
|---|
| Isicebi sasihlala endlini enkulu. |
| Umuthi oluhlaza wawunomthunzi omude. |
| Insizwa yaba nedili elikhulu yenzela abantu bomuzi. |
| Insizwa ehlakaniphile yahlala emthunzini opholile. |
| Indoda embi, ecebile yayingafuni ukuba insizwa ihlale ngaphansi komuthi oluhlaza. |

Uyazi ukuthi ibizo yigama lomuntu, indawo noma into. Isichasiso sisitshela kabanzi ngebizo. Nasi isibonelo: Isicebi sasiyindoda embi.

Dwebela **isichasiso** kulowo nalowo musho kule elandelayo. Emva kwalokho bhala **umqondophika** wesichasiso esikhaleni ngakwesokudla. Sesikwenzele okokuqala.

| | |
|---|---|
| Nina nipheke inyama **eningi**. | *encane* |
| Kwangena umfana omude bajabula. | |
| Ingubo emhlophe isheshe ibonakale uma isingcolile. | |
| Uthanda ukudla ukudla okumnandi. | |
| Unomoya omuhle ufuze uyise. | |
| Ubisi olufudumele luhle etiyeni. | |
| Lolu usuku olushisayo. | |
| Ishalofu eliphezulu linezincwadi. | |
| UShabalala ushayela imoto entsha namuhla. | |
| Umthwalo osindayo uyayehlula ingane. | |





ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 28 2019/01/02 10:16:18

Usuku:



Masibhale

Guqula imisho **esenkathini yamanje** oyinikiwe ibe **senkathini ezayo** nasenkathini edlule.



| | |
|---|---|
| Kuyashisa | Kusasa ku- |
| | Izolo be- |
| Namuhla liyana! | Kusasa |
| | Izolo |
| Ngesula phansi. | Kusasa |
| | Izolo |
| Sidla ukudla. | Kusasa |
| | Izolo |

**Yini isingathekiso?**

Yilapho kuchazwa enye into ngenye
Isibonelo Ukuthi: "Ubuso bakhe yisibuko", kuyizingathekiso.



Masikhulume

Shono ukuthi leso naleso singathekiso sisho ukuthini. Dweba umfanekiso ukukhombisa esinye sazo.

Inhliziyo yakhe yegolide.

Uyinkanyezi eqhakazile esikoleni sethu.

Abazali bami bebewudondolo lwami.

Angimthandi ngoba uyinyoka.





ZUL HL Grd B1 TH1.indd 29 2019/01/02 10:16:19

# 15 Okunye futhi ngolimi



## Masibhale

Khumbula ukuthi sisebenzisa izivumelwano zobunye uma sibhekisa kokukodwa (isib. si-) bese sisebenzisa ezobuningi uma sibhekisa kokuningi (isib. zi-).

Dwebela inhloko kulowo nalowo musho. Yenza ukuba inhloko ivumelane nesenzo sayo.

| | | |
|---|---|---|
| 1. | Le nja i-/zi- -yaluma. | Le nja iyaluma |
| 2. | Izithelo si-/zi- -vuthiwe. | |
| 3. | UJabu noPeter u-/-ba- -dlala ibhola. | |
| 4. | Ikilasi lebanga lesi-2 li-/a- -banga umsindo. | |
| 5. | Lesi siphuzo si-/zi- -yabanda. | |
| 6. | Izingane i-/zi- -fika sesingenile isikole. | |
| 7. | Ulimi lwami lu-/zi- -buhlungu, | |
| 8. | Umama u-/ba- -ye esitolo. | |
| 9. | Izindlu zakhe i-/zi- -nhle kakhulu. | |
| 10. | Umkhumbi u-/i- hamba emanzini | |



Guqula imisho elandelayo ibe senkathini edlule usebenzisa izivumelwano ezifanele. Kuzosho ukuthi inhloko isebunyeni yini noma ebuningini.

| | | |
|---|---|---|
| 1. | Izinkomo ya-/za- -dla utshani. | Izinkomo zadla utshani |
| 2. | Iqembu lebhola la-/a- -dlala kahle. | |
| 3. | Umhlengikazi wa-/ba- -sebenza kakhulu | |
| 4. | Amakhekhe la-/a- -fakwa efrijini. | |
| 5. | Umlimi wa-/ba- -tshala imbewu. | |
| 6. | Ihhashi la-/a- -gijima emjahweni. | |
| 7. | Izinyawo zami lwa-/za- -ba buhlungu. | |
| 8. | Abazali bakhe wa-/ba- -ya esontweni. | |
| 9. | Yena wa-/ba- -khala izinyembezi. | |
| 10. | Umhlambi wezimvu wa-/ya- -ngeniswa esibayeni. | |



ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 30 2019/04/02 10:16:21


Usuku:

Qondanisa lezi zaga nezincazelo zazo. Bhala inombolo eduze nempendulo efanele.

| | |
|---|---|
| Ikhotha eyikhothayo. | 3 |
| Ukubona kanye ukubona kabili. | |
| Ukhamba lufuze imbiza. | |
| Inkunzi isematholeni. | |
| Inhlava iyabekelwa. | |
| Idlozi liyabhekelwa. | |
| Akusilima sindlebende kwabo. | |
| Ingwe idla ngamabala | |
| Akukho soka lingenasici. | |




"Ikhotha eyikhothayo."



"Ukhamba lufuze imbiza."



"Inhlava iyabekelwa."



"Ingwe idla ngamabala."

| | |
|---|---|
| Umuntu oseke wavelelwa ubunzima uyaxwaya. | 1 |
| Ingane ifana nomzali wayo. | 2 |
| Umuntu osiza abanye nabo bayamsiza. | 3 |
| Ungazifaki engozini uyibona. | 4 |
| Abaholi bavela kwabasebasha banamuhla. | 5 |
| Noma ngubani unamaphutha akhe. | 6 |
| Nomuntu onezici bayamthanda abakubo. | 7 |
| Kuhle ukubonga okusizile. | 8 |
| Umuntu uzuza ngokuhle anakho | 9 |

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 31 2019/01/02 10:16:22

**Isabizwana soqobo**
*Siyakhumbula ukuthi isabizwana soqobo sigcina* **ngo-na**.
*Sisisebenzisa esikhundleni sebizo ukuze singalokhu siliphindaphinda ibizo.*



Gcwalisa ngesabizwana soqobo emushweni ngamunye. Ungalibhali igama osusele isabizwana kulo. Sikwenzele umusho wokuqala.

umfana udlala ibhola. Yena udlala ibhola.

Inyoni iyandiza.


Ubaba uluse izinkomo.

Abantwana baya esikoleni.

Isikole sikude kakhulu.

Uthishomkhulu uye emhlanganweni.

Ikati ligibele esihlahleni.







UTHISHA: Ukusayina __________ Usuku __________



ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 33 2019/01/02 10:16:31

| Ngiyahlola nje | | |
|---|---|---|
| Ngiyazi ukuthi yini ibizomvama, ibizoqho, ibizoqoqa, nebizosimo. | | |
| Ngingayifunda inganekwane. | | |
| Ngingayibhala inganekwane. | | |
| Ngingayixhuma inhloko nesenzo. | | |
| Ngingayifunda indaba esephephandabeni. | | |
| Ngingasikhomba isihloko nolayini wombhali. | | |
| Ngiyazazi izaga ezithile. | | |
| Ngingabasebenzisa omqondophika. | | |
| Ngingayiguqula imisho kusuka enkathini yamanje kuye kweyedlule kuye kwezayo. | | |
| Ngingabasebenzisa abacaphuni. | | |
| Ngingayiphendula imibuzo ehlola ukuqonda ngalokho engikufundile. | | |
| Ngingayenza (ngingayidizayina) iphosta enolwazi. | | |
| Ngingazisebenzisa izichasiso. | | |
| Ngingabhala ngokuthi unjani (ngesimilo) umlingiswa. | | |





ZUL HL Gr6 B1 TH1.indd 34 2019/04/02 10:16:40

Okuqukethwe



# Indikimba 2 : Ukuthonya umuntu nobunkondlo




## Umbhalo othonyayo
## IThemu 1: Amasonto 5 -6

**17 Ukufunda izikhangiso** 36

Ufunda isikhangiso.
Ugxila kulokho okuthinta umoya, amagrafiki nobuciko okufana nezethembiso zokuzozuzwa, nezindlela zokuthonya umuntu.
Uqoka abathile azobhekisa kubo, nezindlela zokubaheha.
Usebenzisa ulimi olufanele kuzethameli.
Uphendula imibuzo ngokukhangisa azibone nezindlela nobuciko obusetshenziswayo.

**18 Ukwakha isikhangiso** 38

Ukuxoxisana ngobuciko bokukhangisa.
Ukuxoxa ngamasu okukhangisa.
Ugcwalisa ishathi lokulandelana kwezinto ukuba adwebe isikhangiso. Ukuxoxa ngezindlela zokuthonya abafundi bokubhaliwe.
Wakha isikhangiso elandela inqubo esebenzisa imibono eyehlukene.
Wakha umzamo wokuqala ukulungisa amaphutha.

**19 Bhala incwajana ngokuvakashela izindawo** 40

Uhlela umzamo wokuqala wekhadi eliwu-Z lezokuvakasha eNingizimu Afrika.
Usebenzisa okulandelwayo uma kubhalwa: Ukucobelelana ngemibono, ukuhlelela okuzokwenziwa. Ukuhlela osekubhaliwe nokukwethula.
Usebenzisa uhlaka alunikiwe ukuze izinto azilandelanise ngendlela.

**20 Ukuhlela incwajana yakho** 43

Wakha ibhrosha
Wethula ibhrosha yakhe.
Ubhala amagama amasha nezincazelo zawo esichazamazwini azakhele sona.

**21 Ulimi lokuxhumanisa** 44

Isingeniso ngemisho eqondile kanye nemagatshagatsha.
Isingeniso ngezihlanganiso.
Inhloko nesilandiso.
Uyakwazi ukukhomba inhloko nesilandiso emishweni eqondile nemagatshagatsha.
Uyakwazi ukwakha imisho emagatshagatsha esebenzisa izihlanganiso (ukuthi, ngoba, noma, njll.).

**22 Ukuthonya** 46

Usebenzise amazwi encengayo nanxenxayo ukuveza imibono yakho.
Ukuveza imibono yakho amaphuzu asekela lokho akushoyo.

**23 Ukubhala amaphuzu anxenxayo ukuze athonye abanye** 48

Uyahlela, ethule, elandela ibalazwe lemibono.
Ulandela inqubo yokubhala:Ukucobelelana ngemibono, ukuhlela,ukwenza umzamo wokuqala, ukulungisa amaphutha nokwethula.
Uzwakalisa imibono yakhe ngokwethula imibono yakhe.
Uhlela kahle inkulumo yakhe azoyethula.

**24 Ukwakheka kwenkondlo** 50

Ingaphakathi lenkondlo:
Isingeniso ngezikhali zobunkondlo sekuhlanganisa isingathekiso, isifaniso, , ifuzamsindo, ifanangwaqa, ifanankamisa nehaba.
Zonke lezi kukhulunywa ngazo lapha, hhayi emavikini 9 - 10 ngenxa yokungavumi kwesikhala . Othisha bangabhekisa kuleli khasi lokusebenzela lamasonto 9 – 10.

## Inkulumompendulwano
## IThemu 1: Amasonto 7 - 8

**25 Inkulumompendulwano** 52

Imisebenzi eyisingeniso ihlanganisa ukuqagela (ukubikezela) kusetshenziswa okubukwayo, ukubikezela okuzokwenzeka etekisini (embhalweni).
Ugxila ekusetshenzisweni kwezitho zomzimba kokhulumayo kanye nokuqukethwe enkulumeni, nezinga ekulo.
Uxoxa ngesakhiwo senkondlo.

**26 Kahle bo Mfo kaBhubesi!** 54

Ufunda indaba. Ugxila kokushiwo abalingiswa.
Uqedela umsebenzi wokuhlola ukuqonda osuselwa kokushiwo yindaba.
Wenza ukuba indaba ilingiswe kube kona umlandi nabalingiswa.

**27 Ukubhalwa komdlalo** 56

Umbhali ubhala umdlalo. Uthola isihloko, abalingisi, isizinda, ukuxoxwa kwendaba nomyalezo okuyo.
Ukwethulwa kwabalingiswa.
Uhlela ukulingiswa komdlalo.

**28 Ukusetshenziswa Kolimi** 58

Usebenzisa abacaphuni enkulumweni ebikwayo.
Wenza imisho emagatshagatsha.
Usebenzisa amagama aphikisanayo nomqondofana.

## Amakhasi ezinkondlo:
## IThemu 1: Amasonto 9 - 10

**29 Ubumnandi bezinkondlo** 60

Ufunda kakhulu inkondlo: "Ukuthimula kabi". Uyasizwa isigqi ashaye ihlombe ehambisana naso.
Unamathela emagameni anemvumelwano.
Ubhala inkondlo enemvumelwano.
Ulandela inqubo yokubhala: Ukucobelelana ngemiqondo, ukuhlelela okuzokwenziwa, ukwenza umzamo wokuqala, ukulungisa amaphuta nokukwethula.
Umsebenzi ophathelene nokubukwayo okumayelana nohlelo. Umsebenzi ophathelene nokubukwayo mayelana nezifaniso.

**30 Ihubo lesizwe laseNingizimu Afrika** 62

Ukhuluma ngezibongo njengohlobo lobuciko mazwi.
Uxhumanisa leli hubo nempilo yansuku zonke.
Ugcwalisa ibalazwe lemibono ngeNingizimu Afrika.
Ubhalela iNingizimu Afrika izibongo.
Inkondlo ethokozisayo ngenyanga abangase bayisebenzise othisha uma bethanda.

**31 Izinkondlo ngelanga** 64

Umsebenzi wokwandulela ukufunda ukuze sizwakale isimo eyaqanjelwa sona.
Ufunda inkondlo eyedlulisa ulwazi.
Isivivinyo sokuqonda esigxiliswe kokuqukethwe yinkondlo - okumele sifakwe esikhaleni eshadini.
Ukwethulwa kwesenzasamuntu.

**32 Bhala inkondlo** 66

Ubhala inkondlo elandela inqubo yokubhala: Ukucobelelana ngemibono, ukuhlelela okuzokwenziwa, ukwenza umzamo wokuqala,ukulungisa amaphutha nokwethula.
Uhumusha izingathekiso, azichaze abuye adwebe imifanekiso ngazo.
Othisha bangabuyela ephepheni lokusebenzela 24 ukuze bazithole zonke izikhali zobunkondlo.




ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 35 2019/04/02 10:16:37

# 17 Ukufunda izikhangiso




**Masibhale** Bhekisisa lesi sikhangiso. Xoxa ngezimpendulo zale mibuzo nabangani bakho bese ugcwalisa izimpendulo zayo:

Ngabe lesi sikhangiso siqondaniswe nabantu bamiphi iminyaka?

| Iminyaka emi-5 – 7 | Iminyaka yi-11 – 13 | Iminyaka eyi-14 – 16 | Iminyaka engama-21 - 25 |
|---|---|---|---|

Ukusho ngani lokhu?

Yini lesi sikhangiso kube sengathi ngesabazithandayo nje?



ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 36 2019/01/02 10:16:40

Usuku:

Bheka izitatimende ezimbili kulesi sikhangiso.
Dwebela imisindo ephindwayo.


Ufanamsindo: Ukuphindwa konkamisa sithi ufanankamisa. Ukuphhindwa kongwaqa sithi ngufanangwaqa. Isibonelo: Iqaqa lehl' oqaqeni.

Abasha abaqhakazile bafuna ukubukeka bezothile esikoleni.

Uzwile nje? Woza kwaGear kweziphambil' izembatho.

Bangaki o-Z lapho okuthi kona: "Woza kwaGear kweziphambil' izembatho"?

Bangaki o-U lapho okuthi kona: "Uyakhanga, Uyathandeka, Uyemukeleka"?



Kungani isikhangisi sithi umuntu akathandwe?

Kumthonya kanjani okufundayo lokhu?

Zithembiso zini ezenzelwe abazothenga kwaGear Store?

Kusitshelani lokhu okubhalwe ngamagama amancane ekugcineni kwesikhangiso?

Lesi sikhangiso sithonya abantu ukuba benzeni?

UTHISHA: Ukusayina Usuku



ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 37 2019/01/02 10:16:41

# Ukwakha isikhangiso



**Masikhulume** Yenza umdlalo wokulingisa ukukhangisa umkhiqizo noma umsebenzi othile ku-mabonakude.



**Masibhale** Zihlelele isikhangiso sakho ngokufaka izimpendulo zombuzo ngamunye kuleli balazwe lemibono. Uma usuqedile ukuhlela, bhala udwebe isikhangiso ngobunono ekhasini elibhekene naleli.

Amanye AMAQHINQA okubhala umbhalo onxenxayo.

- Kumele ubazi kahle obaqondile.
- Sebenzisa iziqubulo namazwi amhehayo owafundayo njengokuthi: "Washiywa washiywa!"
- Sebenzisa izithombe nokubukwayo ukwenza isikhangiso sakho sihehe singalibaleki kalula.
- Sebenzisa ulimi olunezifengqo, njengofanangwaqa, ukuphindaphinda nemvumelwano. (Bheka iphepha lokusebenzela lama-24 ukuze uthole olunye usizo ngalokhu.)
- Yethula umsebenzi owenziwe ngobunono obukeka kahle.

## Isikhangiso sami

1 Ngobani obahlosile?

______________________

______________________

2 Yini umkhiqizo wakho?

______________________

______________________

3 Uzosebenzisa isiqubulo esithini?

______________________

______________________

4 Uzosebenzisa buphi ubuciko ukubathinta ngaphakathi obahlosile?

______________________

______________________

5 Uzowadonsa kanjani amehlo omfundi?

______________________

______________________

6 Lesi sikhangiso sethembisa ini?

______________________

______________________

7 Ngabe isikhangiso sikhuluma iqiniso?

______________________

______________________

8 Zikhona izikhali zolimi ezisetshenzisiwe, njengofanangwaqa nje? (Bheka ikhasi lokusebenzela 24 ukuze uthole olunye usizo.)

______________________

______________________



ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 38 2019/01/02 10:16:54

# Bhala incwajana ngokuvakashela izindawo





**Masikhulume** Bheka isithombe usho ukuthi yiziphi kulezi zindawo ezibonakala kalula osuke wazibona noma wezwa ngazo.
Yiziphi ezinye izindawo ezidumile ozaziyo?
Lapho ohlala kona zikhona yini ezinye izindawo ezibalulekile abantu abangaba nomdlandla ngazo, njengekhaya lomuntu odumile, inkundla yezemidlalo, isiqiwi sezinyamazane noma indawo ewathathayo amehlo?

**Ngaphambi kokufunda**
- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthil le ndaba limayelana nani.
- Funda udlulise amehlo ukuze ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**
- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo.
- Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.






**Masenze** Dabula ikhasi elibhekene naleli uligoqe wenze incwajana eyi-Z-card.
Dweba incwajana ozokhangisa ngayo indawo eseNingizimu Afrika abangafisa ukuyibona abavakashi. Kungaba yindawo eyigugu lomlando, njengokwakuyikhaya lomuntu oqavile, inkundla yezemidlalo, umuzi onokuthile okubalulekile ngawo, isigcinamagugu, indawo yezilwane, ihlathi lezimvula noma iTable Mountain.





Kumele usebenzise ulimi oluthonyayo ukukhuthaza abantu ukuba baye kule ndawo.

Ikhasi langaphambili kumele libe nebalazwe laseNingizimu Afrika nesiqubulo esihehayo - njengokuthi "Izwe lomlando nokuthakasa!"
Kulelo nalelo khasi dweba isithombe ubhale uchaze lokho abayokubona.
Khumbula ukufaka nalokhu:
- Amakheli endawo ngayinye,
- Imali yokungena kanye
- Nezikhathi zokuvula.



Hlela kahle incwajana yakho ekhasini 43.



ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 40 2019/01/02 10:17:31

# Ukuhlela incwajana yakho

Masibhale

Dweba incwajana yakho. Gcwalisa ibalazwe lemibono. Inamba yebhuloki ngalinye ibhekise enambeni yekhasi encwajaneni le.

Bhala umzamo wokuqala wencwadi yakho ebese unika umngani wakho ukuba ayifunde.

- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umzamo wokuqala
- Cela umngani wakho abheke amaphutha emzamweni wokuqala
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.

**1** Dweba ikhava yangaphambili.

**2** Bhala imininingwane yolwazi oludingekayo.

**3** Bhala imininingwane yolwazi oludingekayo.

**4** Bhala imininingwane yolwazi oludingekayo.

**5** Bhala imininingwane yolwazi oludingekayo.

**6** Nikeza imininingwane okungathintwana nawe ngayo nekheli.

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______





ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 43 2019/04/02 10:17:55

# 21 Ulimi lokuxhumanisa

**Umusho eqondile**

Umusho onesilandiso esisodwa.



| | |
|---|---|
| UJim | wawa ebhayisikilini. |
| Inhloko | **Isilandiso esinesenzo "wawa".** |

*Umusho onenhloko eyodwa nesenzo esisodwa kuthiwa ngumusho oqondile.*

**Masibhale** Emishweni engezansi lebula inhloko nesilandiso.

| | |
|---|---|
| Umpheki | wabhaka ikhekhe. |
| | |

| | |
|---|---|
| Indiza | yandiza phezu kwentaba. |
| | |

| | |
|---|---|
| Umpheki okhuluphele ojabule | wabhaka ikhekhe elikhulu lestrobheri. |
| | |

| | |
|---|---|
| Ibhanoyi elikhulu elimhlophe | landiza phezulu kwentaba enamatshe |
| | |

## Ukuxhuma imisho

Saya esikoleni

futhi

sadlala ibhola







**Ukuxhuma imisho**

Uma ngabe sisebenzisa imisho eqondile kwesikubhalayo noma esikushoyo imisho yethu izwakala inqamuka kabi. Uma sixhuma imisho yethu ngezihlanganiso ukwenza imisho emagatshagatsha kuzwakala kangcono.



ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 44
2019/01/02 10:18:00



Masibhale

Sebenzisa esisodwa salezi zihlanganiso ukuhlanganisa imisho. Dwebela zonke izenzo ezikhona.

Amagama esiwasebenzisa ukuxhuma ibinzana lamagama, imishwana nemisho kuthiwa **yizihlanganiso**. Zibalulekile ekuxhumeni imisho.

ngakho futhi noma kodwa ngoba nakuba



| | | |
|---|---|---|
| 1. U-Ann ufunda ngokuzimisela | | ethole amamaki aphansi |
| 2. U-Ann uke athole amamaki aphansi | | efunda ngokuzimisela. |
| 3. Weduka | | wayephethe ibalazwe. |
| 4. Babempofu | | babenokudla okwanele. |
| 5. UNomsa uthanda ama-aphula | | uthanda amapheya. |
| 6. UNomsa uthanda ama-aphula | | akawathandi amapheya. |
| 7. Ushiye incwadi yakhe ekhaya | | uzosebenzisana nomngani wakhe. |
| 8. Uthisha wethu wayenomusa | | wayengafuni kugangwe. |
| 9. Imifino yakhula kahle | | imvula yana kancane. |
| 10. Lalilibi izulu | | sanquma ukungahambi. |
| 11. Wayethukuthele | | ngangifike sesedlule isikhathi. |
| 12. USam udlala ikhilikithi | | udlala ibhola lezinyawo. |
| 13. Kwakushisa | | sanquma ukuyobhukuda. |
| 14. Akaboni kahle uma kumnyama | | akashayeli ebusuku. |
| 15. Sanquma ukuba singabe sisahamba | | akavukanga ngesikhathi. |

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 45 2019/01/02 10:18:02

# 22 Ukuthonya

Kuke kudingeke yini ukuba wenze abanye bavumelane nombono wakho noma ukuba wena wenze noma ube nokuthile? Uma kunjalo kumele ufunde ukusebenzisa ulimi lokuthonya abanye. Sonke siye sizame ukusebenzisa izizathu eziqinile uma sifuna ukuba bakwemukele esikushoyo abazali noma othisha bethu.












**Masifunde** Ake ubheke nazi izibonela zokubhala okuhlose ukuthonya omunye.

Kulesi sibonelo umbhali unika izizathu, bese ethi ukwenaba ukuze akuqinise lokho akushoyo.

| | |
|---|---|
| **Isihloko** | **Bonke esikoleni kumele bonge ugesi.** |
| **Injongo** | Kumele bonke esikoleni baze bavume ukuthi kufanele bawonge ugesi. |
| **Okubhekiswe kubo** | Uthishomkhulu nothisha. |
| **Isizathu sokuqala** | Okokuqala izinto zikagesi zisebenzisa ugesi omningi. Ngakho zamakhompyutha, amaphrojektha nemisakazo kumele kucishwe uma kungasetshenziswa. Ngesonto eledlule zonke izinto ezisebenzisa ugesi zasala zingacishwanga sesiphumile isikole. |
| **Isizathu sesibili** | Okwesibili, ezinye izinto ezisetshenziswayo njengezibani nezifudumezi zisebenzisa ugesi omningi. Sonke kumele sicishe izibani uma sishiya amakilasi. Amahitha namafeni kumele kusetshenziswe kuphela uma izulu lilibi. Ngesonto eledlule amahitha asala evutha ubusuku bonke. |
| **Kuqoqe-ke lokhu obudaza inkani ngakho. Ekugcineni yethula izincomo.** | Ekugcineni uma sonke sicabanga ngokonga ugesi singakwehlisa ukusetshenziswa kwawo. Kumele siqale manje ukunciphisa ukusetshenziswa kwamandla kagesi. |



**Masikhulume** Xoxa ngezimpendulo zale mibuzo nabangani bakho. Umbhali unika izizathu ezingaki, futhi yibuphi ubufakazi abunikayo ukwesekela lelo nalelo phuzu?



ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 46
2019/04/02 10:18:10

Usuku:

Kulesi sibonelo umbhali wethula izizathu ezivuna zibuye ziphikise iphuzu alibekayo.

**Isihloko**

Ngabe umabonakude mubi yini ezinganeni?

**Injongo**

Ufuna ukuba bamvumele abantu ukuthi umabonakude akamubi ezinganeni, kanti noma ingase ikhuthaze imikhuba emibi, iyasiza ngokunika izingane okokufunda nokuzikhombisa izindlela zokuziphatha kahle.

**Okubhekiswe kubo**

Abazali nothisha

**Ngakolunye uhlangothi**

Ngakolunye uhlangothi izikhangiso zikamabonakude zikhuthaza izingane ukuba zibe ngamagovu. Ngaphandle kwalokhu akuzisizi izingane ukuhlala zibukele imidlalo kumabonakude. Kumele nazo zibe ngabadlali, zingabukeli nje.

**Ngakolunye uhlangothi**

Ngakolunye uhlangothi umabonakude inika izingane ulwazi eziludingayo. Ziningi izinhlelo ezinjengo "*Learning Channel*", ezifundisa ababukeli okuningi okunomsoco. Ngaphandle kwalokhu umabonakude ikhombisa imikhuba emihle nezi-ndlela ezinhle zokuphila.

**Qoqa imibono obuyethula. Nikeza isincomo sokugcina.**

Nakuba ukubukela umabonakude kungaholela ekulandeleni imikhuba emibi, kodwa iyafundisa, futhi ikhuthaza izindlela zokuphila ezincomekayo.



Masikhulume

Mangaki amaphuzu awethulayo umbhali uma ebeka umbono wakhe?

Yimaphi amaphuzu amabili awethulayo ukuvuna umsebenzi kamabonakude?

Yimaphi awethulayo agxeka umabonakude?

Yiziphi izizathu ezingesekela abazali abaphikisana nomabonakude?



amagama amasha

# 23 Ukubhala amaphuzu anxenxayo ukuze athonye abanye




Xoxa nomngani wakho ngalezi zihloko, bese ukhetha esinye ozobhala ngaso. Emva kwalokho sebenzisa iphepha lokusebenzela ukuhlela amaphuzu ophikisa ngawo.




1 Injongo

2 Okubhekiswe kubo

3 Iphuzu lokuqala

4 Iphuzu lesibili

Faka isihloko sakho lapha


5 Iphuzu lesithathu

6 Izincomo

7 Isiphetho




Hlela amaphuzu akho njengenkulumompikiswano ngaphambi kokuba uyibhale phansi ekhasini elingaleya nencwadi.





ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 48 2019/04/02 10:18:21

# Ukwakheka kwenkondlo



Ingaphandle Lenkondlo : Izifenqo



## Isifaniso

**Isifaniso siqhathanisa izinto ezimbili, kugqanyiswe okuthile okufanayo kuzo. Sisebenzisa izakhi ezifana no-njenga-, nganga-.**

*Mkhulu ungangendlu.*

Ake ucabange ezinye izibonelo?



## Isingathekiso

**Isingathekiso ukuqhathanisa izinto ezimbili ngokuthi enye uyibize ngenye. Lapha abasetshenziswa o-njenga-.**

*Isib. uSipho yingwenya.*

Zikhona ezinye izibonelo ozicabangayo?



## Omqondophika

**Lana ngamazwi anencazelo ephikisanayo.**
**Sike siwasebenzise ukugcizelela ukwehlukana kwezinto.**

Zikhona izibonelo ozicabangayo?



## Ufanankamisa

**Lapha kunamagama anonkamisa abafanayo.**

*Thatha Falaza!* (o-a-)

Kukona ezinye izibonelo ongazicabanga?



ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 50 2019/01/02 10:18:28

Usuku:



## Omqondofana

**Lana ngamagama angafani kodwa asho into eyodwa. Sisebenzisa omqondofana uma sifuna ukuhlobisa ulimi ngokugcizelela okuthile.**

*Yaze yafika imbube, yafika ingonyama!*

Zikhona izibonelo ongazicabanga?




## ifuzamsindo

**Lana ngamagama alingisa umsindo wento.**

Zikhona izibonelo ongazicabanga?








## Ufanangwaqa

**Lapha kuphindwa ongwaqa balandelane eduze.**

*Amaxoxo axokozela exhaphozini.*

Zikhona ezinye izibonelo ongazicabanga? Ukuzwile ukuphindeka kuka-x.









## Ihaba

**Lapha kukhulunywa ngento kodwa kube khona ukuyikhulisa kakhulu.**

*Bekungashisi kungumlilo namhlanje.*

Kukhona ezinye izibonelo ozicabangayo?





ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 51 2019/01/02 10:18:40

# 25 Inkulumompendulwano

**Masibhale**

Eminye imisho ephakathi nendawo ichaza umlingiswa ongakwesokudla, kanti eminye ichaza umlingiswa ongakwesobunxele. Dweba umugqa osuka emshweni ngamunye uye kumlingiswa ofanele.




Imoto yakhe inelambu eliluhlaza elibanizayo.

Ufake umfaniswano olungiswe kahle oluhlaza.

Izinwele zakhe zingamadlodlombiya nje.


Sengathi udinga nokuba ageze.

Unezwi elikhulu.

Ubonakala ethukile, ezizwa enecala.

Ubonakala engasineki.

Igama lakhe nguZakes, uneminyka eyi-11.




**Masibhale**

Manje-ke bhala ukuthi laba balingiswa abaphendulanayo bathini. Lokhu kuthiwa yinkulumompendulwano. Uma usuqedile ukubhala inkulumompendulwano, idlaleni, nilingisele ikilasi.



Phoyisa: *Wenzani emgwaqweni ebusuku kanje?*

Zakes: ______________________

Phoyisa: ______________________

Zakes: ______________________

Phoyisa: ______________________

Zakes: ______________________

Phoyisa: ______________________



ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 52 2019/04/02 10:18:48

# Kahle bo Mfo kaBhubesi!



**Ngaphambi kokufunda**
- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba limayelana nani.
- Funda wedlulise amehlo ukuze ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**
- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo.
- Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.

**Masikhulume**

Ngobani abalingiswa kule ndaba? Yethulwe kanjani? Ungakwazi ukukhomba izimpawu zenkulumompendulwano? Ngobani abakhulumayo?

**Masifunde**


Funda kuzwakale lo mdlalo kakhulu nabangani bakho abayi-7 ukuze omunye afunde amazwi esilwane omunye afunde awakho.

Kwasukasukela!Cosi!

Kudala zonke izilwane zasemzini waseBrer zazihlezi zijabule ndawonye. Zaziphila kamnandi, kukona onogwaja abancane, amadube anemithende, izimvubu ezijabule, izingwenya ezihlakaniphile, izindlovu ezinkulu, izinkawu ezitshakadulayo – konke kuhlezi kuthokozile. kwaze kwafika ibhubesi elibi elalifuna ukuzidla zonke lezi zilwane.

Kusukela ngelelo langa zase zihlale zethukile. Nokho ngelinye ilanga izilwane zaqunga isibindi zathatha isinqumo: zazizohamba ziyoxoxa nebhubesi ukuze inkinga yazo isonjululwe.

Kwathi lapho ibhubesi libona zonke izilwane ziza kulo, lajabula kakhulu, ngoba lase licabanga ukuthi lalingeke lizingele ngalelo langa – ukudla kwalo kwakuziletha kulo. Kwathi sekuconsa amathe ngoba lizodla kamnandi, imbongolo enesibindi yaqala ukukhuluma.



**Imbongolo**: Siyacela, Nkosi, kumele sikhulume nawe ngodaba olubaluleke kakhulu. Uma usibulala sonke ngeke usaba yinkosi.
Emva kwalokho zonke izilwane zacishe zakhuluma kanyekanye.

**Idube**: Yebo, kuzobe kungasekho lutho ozolubusa.

**Ingwenya**: Uzosala wedwa nje embusweni wakho.

**Imvubu**: Kanti uzolamba ngempela uma engasekho ongamudla.

**Indlovu**: Uzolamba uze ufe.

**Unogwaja** Ngakho-ke sinesiphakamiso: Uma uyeka ukusibulala, sethembisa ukuthi nsuku zonke sizomthumela kuwe ongamudla. Ngeke sisaba bikho isidingo sokuzingela futhi. Ungavele uhlale nje ubukele umabonakude usuku lonke. Ibhubesi lakulalela lokhu ababekusho.

**Ibhubesi**: Nizongilethela ukudla kwami? Lokhu yisixazululo esihle. Kodwa kumele nginixwayise: Uma kwenzeka neqa usuku ningakulethi ukudla, ngiyonidla nonke kanyekanye.

Ngakho kwavunyelwana. Kusukela ngalelo langa kwakuthunyelwa isilwane esisodwa endlini yebhubesi, ibhubesi lajabula kakhulu. Ngelinye ilanga kwaba ngunogwaja okwakudingeka ukuba anikele ngempilo yakhe ukuze ibhubesi lithole ukudla. Unogwaja wayengafuni ukufa, ngakho wacabanga iqhinga.



ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 54 2019/04/02 10:18:49

Usuku:

UNogwaja wangena emhumeni webhubesi kancane, kancane. Lapho engena, ibhubesi laliyaluza. Lase lilambe lifile. Kwathi lapho libona unogwaja omncane lathukuthela kakhulu.


**Ibhubesi**: Uthi kodwa unogwaja omncane kanje angaba yinyama eyanele engingayidla namhlanje? Ngilambe kakhulu, kodwa ake ubheke nje ukuthi wena umncane futhi wonde kangakanani!

**Unogwaja**: Eqinisweni izilwane bezithumele onogwaja abayisithupha, Nkosi, kodwa abayisihlanu babulawe badliwa ngelinye ibhubesi.

**Ibhubesi**: Liphi elinye ibhubesi? Yimi inkosi lapha.

**Unogwaja**: Be- ..., bekuyibhubesi elikhulu kakhulu. Lelo bhubesi lithena yilo eliyinkosi yaleli hlathi.

**Ibhubesi**: Ake ungiyise kulelo bhubesi ukuze ngilifundise isifundo – lona ngumbuso WAMI!



Unogwaja omncane waholela ibhubesi emfuleni ojulile. Watshela ibhubesi ukuthi elinye lalisemfuleni. Ibhubesi lalunguza emfuleni labona umfanekiso walo emanzini.

Lacabanga ukuthi yilo leli bhubesi elizwe ngalo. Labhonga kakhulu lase ligxumela emanzini lifuna ukuhlasela lokhu ebelithi ngelinye ibhubesi. Ibhubesi lashayeka ngekhanda edwaleni laminza. Unogwaja omncane wajabula kakhulu wabuyela kwezinye izilwane ukusabalalisa izindaba ezimnandi. Zonke ezinye izilwane zajabula njalo emva kwalokho emzini waseBrer.

Cosi! Cosi! Iyaphela!



Masibhale

Funda le mibuzo elandelayo bese uyiphendula ezikhaleni ozinikiwe.

Yini eyayenza ezinye izilwane zilesabe kangaka ibhubesi?

Kwakuyini icebo likanogwaja omncane?

Singathini isihloko esihle sale ndaba?

Yini eyenza ukuba izilwane zingingize lapho zikhuluma nebhubesi?

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 55 2019/01/02 10:18:51

# Ukuhlela umdlalo



- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umzamo wokuqala
- Cela umngani wakho abheke amaphutha emzamweni
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.

**Masikhulume** Emaphepheni amabili esedlule kuwo ufunde izinkulumompendulwano ezimbili. Manje-ke hlela ukubhala eyakho inkulumompendulwano. Sebenza nomngani wakho ukuqedela ibalazwe lemibono.

## Isihloko somdlalo

________________

**1** Ngobani abalingiswa

________________

**2** Yini isakhiwo (*plot*)?

________________

**3** Yini isizinda sendaba?

________________

**4** Uzothini umxoxi?

________________

**5** Myalezo muni engifuna ukuwedlulisa?

________________

**Masibhale** Sebenzisa ibalazwe lemibono ukubhala umzamo wokuqala nje, kuthi uma usuwulungise kahle, ubhale umdlalo wakho ngobunono esikhaleni osinikiwe.

Uyakwazi ukubumba abalingiswa bakho ngalokho abakushoyo. Bhala wona amazwi uqobo ashiwo ngabalingiswa bakho. Faka amagama abalingiswa bakho ekholamini engakwesobunxele bese ubhala abakushoyo ngenkathi yamanje.

*Chaza isizinda*

________________

| *Amagama abalingiswa* | *Lokho abakushoyo usebenzisa inkathi yamanje.* |
| --- | --- |
| | |
| | |
| | |



ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 56 2019/04/02 10:18:56

# 28 Ukusetshenziswa kolimi



**Usebenzisa abacaphuni:** Uma ubhala amagama ashiwo omunye umuntu njengokuthi: uBongi wancenga wathi, "Ngicela unginike elinye ithuba." "Ngingahamba kodwa nawe?" kubuza uPeter, noma: UPeter wabuza wathi, "Ngingahamba kodwa nawe?"

**Masibhale**

Faka abacaphuni ekuqaleni nasekugcineni kwalokho okushiwo yilowo nalawo okhulumayo.

- Inkawu yabuza Nkosi ngingakhuluma nawe.
- Unogwaja wathi uma udla thina uzosala wedwa embusweni wakho.
- Ibhubesi labuza lathi uzongilethela yini ukudla emnyango wami.
- Ukwenzeleni kodwa lokhu? kubuza yena.
- U-Anna wathi ayikho nathi into esingayenza.

Manje-ke bhala lokho abakushoyo enkulumeni ebikwayo (inkulumombiko).

Anna



Ucabanga ukuthi liyona ngoMgqibelo?

Bongi



Ishadi lesimo sezulu likhombisa imvula ebusuku kuphela.

Jabu



Kuhle lokho ngoba ayadlala amaKhosi!



ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 58 2019/04/02 10:19:01

Usuku:

amagama amasha

Hlanganisa imisho emibili ngesihlanganiso esifanele ukubumba umusho ombaxa. Sebenzisa izihlanganiso njengokuthi "futhi"noma "ngoba".

| |
|---|
| Ikati ladla igundane. Lelo kati lalidle ushizi. |
| |

| |
|---|
| Sezwa umsindo ongejwayelekile. Sesaba |
| |

| |
|---|
| Inja yakhonkotha. Kwakunomuntu esangweni. |
| |

| |
|---|
| Sagijima sayocasha. Imvula yana. |
| |

| |
|---|
| Wathenga ingubo. Wathenga izicathulo. |
| |



Masibhale

Thola omqondofana (amazwi asho into efanayo) balokhu: Sebenzisa la magama ukuze akusize.

Omqondofana ngamagama anencazelo efanayo. Isibonelo: jabula – thokoza

lahlekile, inja, imininingwane, ikhanda, ikhala, inkinsela, xolela, izaqheqhe, inqindi, thandaza, lila, qukula, usana

| | |
|---|---|
| thethelela | |
| phakamisa | |
| impumulo | |
| ingcanga | |

| | |
|---|---|
| inhloko | |
| isibhakela | |
| khala | |
| khuleka | |

Manje thola omqondophika bamagama adwetshelwe. Babhale ebhokisini ekugcineni komusho.

| | |
|---|---|
| Kwakuwusuku olushisa kakhulu. | |
| Ngangibona ukuthi inja yami iyagula, amehlo ayo ayekhathele. | |
| Ngiphumelele esivivinyweni sami sezibalo, ngenza kabi esiNgisini. | |
| Le ncwadi inesicefe. | |
| Izulu ungeliqonde ngalesi sikhathi sonyaka. | |
| Umgwaqo wawumncane unezisele. | |

UTHISHA: Ukusayina ____ Usuku ____



ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 59 2019/01/02 10:19:05

# 29 Ubumnandi bezinkondlo

**Masifunde**

## Ukuthimula kabi

Izolo ngihlaselwe ukuthimula,
Ngahlala ngezwa ngigula.
Ngasuka ngabon' udokotela
Wakhipha umuthi ngaxhukula.

Ngelesishiyagalombili ngalala.
Ngacisha konke kwamnyama.
Kwaphela zindwangu ngithimula
Ngivuka, ngihlala ngizisula.

Ngathimula kwaze kwasa.
Kwasa ngingazange ngaphumula.
Yikho phela lokho okungenzile
Ngangaphumelela isivivinyo.

*nguBruce Lansky (Ihlelwe kabusha)*





**Masikhulume**

- Zama ukuthola isigqi sale nkondlo.
- Ifunde kakhulu, ushaye izandla lapho sigqama kona isigqi.
- Xoxa nomngani wakho ngekushoyo le nkondlo.

**Masibhale**

Bhala eyakho inkondlo. Zama ukwenza lowo nalowo mugqa wesibili ube nemvumelwano. Bhala umzamo wokuqala wenkondlo. Ifundele umngani wakho kakhulu bese uyibhala esikhaleni esingezansi.



ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 60 2019/04/02 10:19:08

Usuku:



Masibhale Qedela lezi zaga

Izaga ngamazwi ahlakaniphile amele into ethile. Izaga zisetshenziswa lapho kunandiswa ulimi. Isibonelo: Iqaqa kalizizwa ukunuka.

Kulele kunye ukube kubili ngabe ________.

Sobohla _____.

Uchakide uhlolile imamba ________.

Indlu yegagu __________.

Unyawo _______ .

Ukuzala uku- ______.





Masibhale

Gcwalisa amagama ezinto ukuqedela lezi zifaniso.

Sivame ukuchaza into ngokuthi ifana nenye. Isibonelo: Ushesha njengonyazi. Lokhu yisifaniso. Sike sisebenzise nezilwane uma sifanisa.

| | |
|---|---|
| 1 Inkulu nganga- | indlovu |
| 2 Kumhlophe njenga- | |
| 3 Kushisa njenga- | |
| 4 Kugijima njenga - | |
| 5 Wesabeka njenga- | |
| 6 Uhamba kancane njenga- | |
| 7 Muhle njenga- | |
| 8 Kuluhlaza njenga- | |











ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 61 2019/01/02 10:19:09

# 30 Ihubo lesizwe LaseNingizimu Afrika



Masifunde

Masibambane ngezandla bantu baseNingizimu Afrika. Siyaziqhayisa ngobuzwe bethu. Siyahlangana sicule ihubo lesizwe sithi: "Nkosi sikelel' i-Afrika."

Nathi noma siyizingane nje
Asisize ekwakheni izwe lethu.
Asenze iNingizimu Afrika ibe yindawo engcono.

Masihlangane sakhane. Singabaholi bakusasa.
Abaholi bezwe lethu elikhanya ilanga.
Nkosi sikelel' i-Afrika.



- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umzamo wokuqala
- Cela umngani wakho abheke amaphutha emzamweni wokuqala
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.




Masikhulume

- Ikhuluma ngani le nkondlo?
- Uyavuma ukuthi yizibongo lezi? Usho ngani?
- Ngabe sikhona isigqi lapha?
- Abantu bazihaya uma kunjani izibongo?



Masibhale

Nicabanga ukuthi nina njengabafundi ningenzani ukwenza izwe lethu libe yindawo engcono umuntu angahlala kuyo? Bhala imibono yakho kuleli balazwe lemibono.



Usuku:

amagama amasha



Manje-ke bhala isigatshana nje ukusho ukuthi ingenziwa kanjani iNingizimu Afrika ibe yindawo engcono okungahlalwa kuyo.

**Masibhale**

Sebenzisa imibono yakho ebalazweni lemibono. Sesikunike umusho oyinhloko ukuze aqale ukuze uqale ngawo isigaba yakho.

INingizimu Afrika iyizwe elihle, sonke singasiza ukuyenza ibe yindawo enhle esingaphila kuyo.

Manje-ke bhala eyakho inkondlo ngempilo yase Ningizimu Afrika.



**Okujabulisayo**

Ake ubheke enyangeni
Ikhanya kamnandi le phezulu.
Awu mama, ifana nesibani
emoyeni
Ngesonto eledlule ibincane
kunalokhu
Igobise okothi lomcibisholo,
Kodwa manje isikhulile,
Yaba yindilinga njengo-O

E Follen - ( Ihunyushiwe)





UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 63 2019/01/02 10:19:18

# Izinkondlo ngelanga





**Masikhulume**

- Uyawazi nje amagama amaplanethi?
- Kusakumangalisa ukuthi ayini?
- Ngabe afana neyethu iplanethi uMhlaba?
- Uyazi ukuthi sikude kangakanani nelanga?
- Kule nkondlo uPluto usabizwa ngeplanethi.



Nokho ngonyaka wezi2006 ososayensi bavumelana ngokuchaza okusha ukuthi iplanethi yini, base benquma ukuthi iPlato akayiyona iplanethi.

Kunemihlaba esishiyagalolunye ezungeze ilanga. Lalela ngizoyibiza ngamagama.

Mekhiyuri! Ngilapha. Ngingowokuqala.
Iseduze nelanga kunazo zonke.

Vinasi! Ngilapha. Ngingowesibili.
Ikhanya iyabenyezela, ungathi yintsha.

Mhlaba! Ngilapha. Ngingowesithathu.
Uyikhaya lami nawe.

Masi! Ngilapha. Ngingowesine.
Ibomvu, isilindele siye kuyo.

Juphitha? Ngilapha! Ngingowesihlanu.
Inkulu kuzo zonke, akuhlali lutho kuyo.

Sathana? Ngilapha! Ngingowesithupha.
Izungezwe wuthuli neqhwa ndawonye.

Yurenasi? Ngilapha! Ngingowesikhombisa.
Ithiwa ngephezulu kakhulu isezulwini.

Nepishuni? Ngilapha!
Ngingowesishiyagalombili.
Inebala elilodwa elimnyama elikhulu.

Pluto? Ngilapha! Ngingowesishiyagalolunye.
Yincane kuzo zonke ngeyokugcina ngci!

Ngu-M. Goldish (ihunyushiwe)



ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 64 2019/01/02 10:19:22

Usuku: ____________

**amagama amasha**



**Masikhulume**

- Le nkondlo ikhuluma ngani?
- Uma ucabanga imbongi yayibhalelani le nkondlo?
- Imbongi ikutshelani ngezindawo akuzona amaplanethi?
- Eyethu iplanethi uMhlaba isondele kangakanani elangeni?
- Funda inkondlo kakhulu, bese ushaya phansi ngonyawo ulandela isigqi.



**Masibhale**


1. Yimaphi amaplanethi amagama awo anemvumelwano?

_______________________________________________



**Masenze**

Ake ubheke inkondlo nomdwebo ongezansi. Zama ukufaka amagama amaplanethi kuhambisane nokushiwo yinkondlo ngokuthi akuphi uma eqhathaniswa nelanga. Inkondlo iyasho ukuthi iplanethi ngayinye ikuphi. Kule nkondlo imbongi ibiza iplanethi ngayinye, iphendule. Ikhuluma neplanethi sengathi ingumuntu.






ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 65 2019/01/02 10:19:25


# Bhala inkondlo



- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umzamo wokuqala
- Cela umngani wakho abheke amaphutha kumzamo wokuqala
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.

## Masibhale

Hlela ukubhala inkondlo. Bhala imisho emibili enemvumelwano ebhokisini ngalinye. Sebenza nomngani. Hlanganisani imibono ngemigqa yenkondlo ezoba semabhokisini akho. Emva kwalokho bhala imisho emibili enemvumelwano ebhokisini ngalinye.



Isihloko senkondlo.





ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 66 2019/01/02 10:19:28

Usuku:

amagama amasha

**Yini isingathekiso?**


Isifengqo lapho kubizwa khona enye into ngenye.

Isibonelo: Umhlaba uwumama.



Masibhale

Manje-ke bhala inkondlo yakho ngobunono uyethule eqenjini lakho.





Masikhulume

Shono ukuthi zichaza ukuthini lezi zingathekiso. Dweba isithombe ukuzifanekisa.

**Ilanga unkulunkulu womhlaba.**

**Indodakazi yakhe yimbali.**

**Umfana yibhanoyi.**

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 67 2019/01/02 10:19:29



## ZIHLOLE


| Ngiyakwazi | | |
|---|---|---|
| Ukufunda inganekwane | | |
| Ukufunda itekisi elithonyayo | | |
| Ukuhlaziya itekisi elithonyayo | | |
| Ukufunda indaba esephephandabeni | | |
| Ukukhomba isihloko, ulayini wombhali, isingeniso | | |
| Ukufunda inkulumompendulwano | | |
| Ukuhlela nokubhala indaba | | |
| Ukuhlela nokubhala indaba yephephandaba | | |
| Ukuhlela nokubhala inkulumompendulwano | | |
| Ukubikezela (ukuqagela) isiphetho sendaba | | |
| Ukwenza umdlalo ozolingiswa ngendaba | | |
| Ukukhomba abalingiswa, isakhiwo, nesizinda | | |
| Ukusebenzisa iziphongozo nezijobelelo | | |
| Ukunika umqondophika nomqondofana | | |
| Ukukhomba inhloko nomenziwa | | |
| Ukukhomba nokusebenzisa izinhlobo ezahlukene zamabizo | | |
| Ukuhlaziya isikhangiso | | |
| Ukukhomba isikhangiso esiqondiswe kubo | | |
| Ukwazi amasu ehlukene esikhangisweni | | |
| Ukubhala isikhangiso kusetshenziswa izifengqo | | |
| Ukudweba (ukudizayina) incwajana | | |
| Ukuchaza ukuthi yini umusho oqondile nomagatshagatsha | | |
| Ukukhomba inhloko nesilandiso emshweni | | |
| Ukukhomba ukuphikisana namaphuzu okukwesekela olimini oluthonyayo | | |
| Ukuhlela nokubhala okokuphikisana ngokuthonya | | |
| Ukukhomba izikhali zobunkondlo njengezingathekiso nezifaniso | | |
| Ukusebenzisa ulimi lokuthonya | | |
| Ukubona izitatimende, imibuzo nemiyalo | | |
| Ukuqinisekisa ngokuvumelana kwenhloko nesenzo | | |
| Ukusebenzisa izisho nezaga | | |
| Ukusebenzisa izichasiso | | |
| Ukusebenzisa izinkathi ezilula/eziqondile | | |



ZUL HL Gr6 B1 TH2.indd 68
2019/04/02 10:19:38

Okuqukethwe

# Indikimba 3: Masisho ukuthi kwenziwa kanjani




**Umbhalo owumyalelo**
**IThemu 2: Amasonto 1 – 2**

**33 Ukubhaka amakhekhe asankomishi** 70
Uyakwazi ukubona imithetho yombhalo owumyalelo.
Ukwazi ukusika imiyalelo ayilandelanise.
Uthola izinsiza ezidingekayo.
Uphendula imibuzo emayelana nokuqonda iresiphi.
Uyawaqopha amagama amasha esichazamazwini sakhe.

**34 Ukubhala iresiphi** 72
Uyayibhala iresiphi yokudla akuthandayo.
Uyayibhala imiyalelo yokwenza itiye ilandelane kahle.
Uyakwazi ukugcwalisa ishadi ngezinto ezejwayelekile ezenziwa nsuku zonke.

**35 Ubunye nobuningi emabizweni** 74
Ukwethulwa kweziqalo, izijobelelo neziqu.
Okushiwo yiziqalo nezijobelelo.
Uyawaqopha amagama amasha esichazamazwini sakhe.

**36 Yenza laba badansi abaziwayo** 76
Ukufunda imiyalelo.
Ukugcwalisa imiyalelo ephathelene nemidwebo.
Ukuqedela ishadi.

**37 Engikwenza nsuku zonke** 77
Tshengisa ngewashi imisebenzi oyenza nsuku zonke

**38 Ukubhala incwadi enenkombandlela** 78
Ukudweba ibalazwe elikhombisa indlela eya enkampanini.
Ukubhala incwadi enenkombandlela.

**39 Inhloko yomusho, isenzo kanye nomenziwa** 80
Ukuthola inhloko yomusho, isenzo kanye nomenziwa emishweni.
Izenzo
Ukubhalwa kwemisho enenhloko, isenzo kanye nomenziwa.
Uyawaqopha amagama amasha esichazamazwini sakhe.

**40 Esikutshelwa yisichazamazwi** 82
Ukubona imithetho ebusa izichazamazwi.
Amagama awusizo, ayisingeniso, izincazelo ezihlukahlukene kanye nezingcezu zenkulumo.

**Ukuxoxa indaba**
**IThemu 2: Amasonto 3 – 4**

**41 Ubusuku engingeke ngibukhohlwe** 84
Ukufunda ngenhloso yokuqonda imibhalo

**42 Okunye ngengwenya** 86
Isifundo sokuqonda esihlelelwe ukuhlolwa ngemibuzo ekhethisayo kanye nevulekile.
Izenzo ziyaqhutshwa.
Uyawaqopha amagama amasha esichazamazwini sakhe.

**43 Ngosuku olulandelayo** 88
Ukulingisa kusetshenziswa indaba.
Ukubhekana nezimpawu zesidalwa esingumuntu.
Ukukhetha amagama achaza umlingiswa oqavile.
Ukusebenzisa isichasiso ekubhaleni incazelo yomlingiswa oqavile.
Ukuhlelela ukubhala i-eseyi.

**44 Ngibhala indaba yami** 90
Izolo ngiphuphe …
Uyawaqopha amagama amasha esichazamazwini sakhe.

**45 Umbiko ngencwadi efundiwe** 92
Ukubhala umbiko ngencwadi efundiwe, kusetshenziswa indaba.
Ngamaqiniso noma yimibono nje? Ingxoxo ngokuqukethwe.
Umsebenzi ngezenzo.

**46 UNelson Mandela esemusha** 94
Ukusebenzisa imidwebo kanye nezihloko ukuqagela okuthile ngendaba.
Ingxoxo ngendaba: abalingiswa, isizinda kanye nesakhiwo.
Ukwethulwa kombhalo okhuluma ngempilo yomuntu.
Uyawaqopha amagama amasha esichazamazwini sakhe.

**47 Umbiko ngendaba efundiwe** 96
Ukubhalwa kombiko wencwadi efundiwe kubhekiswe esakhiweni, isizinda kanye nabalingiswa, kugcine umyalezo.
Uyawaqopha amagama amasha esichazamazwini sakhe.

**48 Umdlalo ngezinkathi ezahlukene** 98
Ukubuyekeza inkathi yamanje, edlule, ezayo kanye neqhubekayo ebhodini lemidlalo.
Uyawaqopha amagama amasha esichazamazwini sakhe.

**Zihlole** 100
Zihlole ngemiphumela yemisebenzi eyedlule esemakhasini okusebenzela ayi-16.








# Ukubhaka amakhekhe asankomishi





Masifunde





## Iresiphi yekhekhe elisankomishi eliphinki

### Izithako

**Inhlama yekhekhe**

125 g imajarini ethambile
1 inkomishi kashukela
3 amaqanda
1 ukhezo oluncane lwevanila esensi
$1\frac{1}{2}$ izinkomishi zikafulawa ozikhukhumalelayo
$\frac{3}{4}$ wenkomishi yobisi

**Okoku-ayisa**

50 g ibhotela elingenasawoti
2 ibhotela elingenasawoti
2 izinkezo zobisi
Amanenjana okuhlobisa



Indlela yokubhaka







ZUL HL Gr6 B1 TH3.indd 70 2019/04/02 10:17:00

Usuku:

**amagama amasha**



**Bhala**

Udinga ubisi olungakanani?

Udinga ufulawa ongakanani?

Kwenzekani emva kokuthi ususe amakhekhe kuhhavini?

Funda iresiphi ngokucophelela wenze uhla lwezinsiza ozozidinga ukwenza la makhekhe.

| | |
|---|---|
| | |
| | |
| | |
| | |



**Masenze** Nikeza izinombolo zinyathelo kusukela kwesoku-1 – 9 ukukhombisa ukulandelana okufanele kwendlela yokupheka.

- Gudlula ibhodwe ubelekelele ukuthi baqoqe.
- Hlanganisa imajarini noshukela bese ufaka amaqanda nevanila esensi ukushaye kuze kuhlangane.
- Fudumeza uhhavini kusukela kwesoku-1 uwubeke ekushiseni okusezingeni le-180°C. Beka amakhekhe asankomishi epanini lamamafini.
- Gcwalisa inhlama ezembozweni zesitsha zamakhekhe.
- Sefa ufulawa uwufake kumajarini enhlanganiseleni bese ufaka ubisi.
- Bhaka amakhekhe asankomishi emizuzwini engama-20–25.
- Faka ukhilimu ebhoteleni lize licoliseke bese ufaka ushukela we-ayisingi.
- Yifake nasemakhekheni i-ayisingi
- Faka okokuvuvuzelwa






ZUL HL Gr6 B1 TB3.indd 71 2019/04/02 10:17:05

Usuku:

Bhala

Le miyalelo engezansi ngeyokwenza inkomishi yetiye, kodwa ibhalwe ngendlela engafanele. Yibhale emdwebeni ngokulandelana kwezinto ezidinga ukwenziwa.



Faka izikhwanyana zetiye ezintathu ethiphothini.
Govuza itiye lakho enkomishini ngokhezo oluncane.
Liyeke libile imizuzu emihlanu.
Faka ubisi olwanele enkomishini.
Fudumeza ithiphothi ngamanzi ashisayo.
Faka amanzi abilayo phezu kwezikhwanyana zetiye.
Gcwalisa iketela ngamanzi.
Faka itiye elisethiphothini enkomishini.
Bilisa amanzi ngeketela.

1
2
3
4
5
6
7
8
9

Bhala

Sebenzisa amabhulokhi ukwenza umdwebo ozokhombisa kuwo ukuthi wenzani usuku ngalunye.

| | | |
|---|---|---|
| | | |
| | | |

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr6 B1 TH3.indd 73 2019/01/02 10:17:28

# Ubunye nobuningi emabizweni



## Yini ubunye nobuningi emabizweni?

Ubunye nobuningi emabizweni sibubona ngesiqalo. Noma yisiphi isiqalo segama sinencazelo yaso. Uma sifaka isiqalo egameni ivame ukuguquka incazelo yalelo gama.

**Masenze** Buka isibonelo. Kwenzekani uma ufaka isiqalo egameni ngalinye? Lichaza ukuthini igama elisha elivelayo?

| Isiqalo segama | + | Isiqu |
|---|---|---|
| Isi- | | -cathulo |

Kokelezela iziqalo zamabizo egameni ngalinye. Emva kwalokho dwebela isiqu.

isisu, umfula, amanzi, ubuso, imithetho, abantu, ogogo, uluthi, ilizwe, abefundisi, amazolo, izinja, ukufunda, izinkomo, izimpondo, ubuthongo



**Bhala** Faka iziqalo kula magama ukwakha ubunye noma ubuningi.

| | |
|---|---|
| **1.** Ziningi ______ nkomo kwamakhelwane. | **2.** Nizothenga ______ nja ezingaki endalini? |
| **3.** Uthwele umgqomo ogcwele ______ nzi. | **4.** Liphumile ______ sonto manje. |
| **5.** Buyani nizobona ______ dlalo weBafana Bafana. | **6.** ______ fana uluse izimvu zakubo. |
| **7.** Ngidla ______ wolintshi elilodwa njalo ekuseni. | **8.** Kusele ______ nkwa ezimbili kuphela ekhishini. |
| **9.** Hloniphani ______ zali benu. | **10.** Babambe ______ gundane ngomsila. |
| **11.** ______ gwinya elilodwa lanele. | **12.** Ngithenge uswidi obiza ______ senti ayishumi. |

1 izi-, 2 izi-, 3 ama-, 4 i-, 5 um-, 6 um-, 7 i-, 8 izi-, 9 aba-, 10 i-, 11 i-, 12 ama-

Sebenzisa amagama amathathu kwangenhla ukwenza imisho emithathu.

| |
|---|
| |
| |
| |

Usuku:

# Amabizo anobuningi kuphela.

Olimini lwesiZulu kunamagama anobuningi kuphela. Lokhu kusho ukuthi abukho ubunye. Njalo uma siwasebenzisa kuzwakala ukuthi awanayo into eyodwa. Nawo asebenzisa iziqalo ezitholakalayo emagameni anobunye nobuningi.



Masenze

Buka isibonelo. La magama ngawezinto ezingahlukaniseki ngendlela yokuthi ungazibala usho ukuthi zingaki.

| Isiqalo | + | Isiqu emagameni angenabo ubunye. |
|---|---|---|
| Ama- | | -nzi |



Dwebela iziqalo zala magama ezisho ukuthi anobuningi. Yisho ukuthi liqiniso yini ukuthi abukho ubunye kuwo wonke la magama.

amathe, amasi, amasi, umkhathi

amahewu, amazolo, amanzi

ubuthongo, isineke, amahloni

amafutha, amandla, isidina, ubuso

utshwala, ihlobo, ulaka, uchuku

umusa

La magama anobunye noma ubuningi kuphela. Uyavuma yini ukuthi abukho ubunye nobuningi begama ngalinye?

Dwebela amagama anobunye kuphela kulawa angezansi:

| | | | |
|---|---|---|---|
| inkosi | inzondo | isaka | umhawu |
| inkinga | ukhuni | amafu | amahloni |
| isithwathwa | umsila | amadolo | intukuthelo |
| iqhwa | uvalo | amanga | isizungu |
| izwe | uthando | amavila | amalimi |



Bhala

Gcwalisa ngeziqalo kula mabizo alandelayo ukuqedela imisho.

| | |
|---|---|
| **1.** Abantwana bebedlala ____ moto zocingo. | **2.** ____ khasi ezihlahla ayawa ekwindla. |
| **3.** ____ suku lukaJimi lokuzalwa alukakafiki. | **4.** ____ ntwana wekati ulahlekile. |
| **5.** Ufuna ukupenda ____ valo sibe luhlaza. | **6.** Isikole sizodlala ____ dlalo wekhilikithi namuhla. |
| **7.** Ngibone ____ cabucabu esikhulu ehlathini. | **8.** Batheze ____ nkuni eziningi ngoba kuyabanda. |
| **9.** Akaphumelelanga kade ebhala ____ vivinyo. | **10.** Bakhahlele ____ bhola lashaya isivakashi. |
| **11.** Buza ezinganeni ukuthi ____ gwaqo oya edolobheni yimuphi. | **12.** Imile ____ moto egalaji. |

1 isi-, 2 i-, 3 u-, 4 um-, 5 isi-, 6 um-, 7 isi-, 8 izi-, 9 isi-, 10 i-, 11 um-, 12 i-.

Sebenzisa amabizo amathathu kwangenhla wenze ngawo imisho emithathu.

UTHISHA: Ukusayina ____ Usuku ____



ZUL HL Gr6 B1 TH3.indd 75 2019/01/02 10:17:32

# 36 Yenza laba badansi abaziwayo




Masenze

Buka umdwebo okhombisa ukuthi yini eyenziwa kanjani. Wena neqembu lakho hlanganisani imibono nisho ukuthi nizobakha kanjani abadansi.

## Izinto ezidingekayo

- ✓ Iglu yeBostiki
- ✓ 3 okokuhlanza amapayipi
- ✓ 2 amaphomphomu ajwayelekile (angama-4cm ububanzi)
- ✓ Iphomphomu elincane
- ✓ 2 amehlo
- ✓ Uphaphe lokwakha isisila
- ✓ 2 izinkinobho zokwakha izinyawo






## Indlela yokwakha iphomphomu

1. Dweba iziyingi ezinkulu, kumele zifane, uzidwebe emakhadibhodini. Zisike uzikhiphe.
2. Dweba iziyingi ezincane phakathi kwezinkulu. Zisike uzikhiphe kusale izimbobo ezinkulu phakathi nendawo eziyingini ezinkulu.
3. Hlanganisa iziyingi, zigoqe ngewuli ephuzi uyichushise embotsheni ephakathi nendawo iphumele ngaphandle zize zembozeke iziyingi. Sebenzisa izintambo ezimbili noma ezintathu zewuli ukuze kwembozeke masinya.
4. Sebenzisa isikele ukusika iwuli onqenqemeni lweziyingi zombili.
5. Faka izinqamu zewuli phakathi kweziyingi ezimbili ubophe uqinise. Susa iziyingi manje.



Bhala

Bhala usho ukuthi uzokwenzani ngezinto ezikhona ubale namaphomphomu.



ZUL HL Gr6 B1 TH3.indd 76 2019/01/02 10:17:11

# 39 Inhloko yomusho, isenzo kanye nomenziwa







Wena nomngane wakho fundani le misho.

Dwebela inhloko ngokubomvu. Inhloko yomusho kungaba ngumuntu noma yinto.

Dwebela isenzo ngokusasibhakabhaka. Isenzo simele into eyenziwayo.



Dwebela umenziwa ngokusatshani. Umenziwa yinto ethintekayo uma kwenziwa okuthile.




| |
|---|
| Ikati belisukela igundane. |
| UMimi uyamthanda uJabu. |
| Umpheki ukushisile ukudla. |
| Umfana uphule ifasitela. |
| Intombazane beyithwele umgqomo. |
| Thina siwabhakile amakhekhe. |







Dwebela izenzo emshweni ngamunye kwelandelayo. Emva kwalokho kokelezela umenziwa.

| | |
|---|---|
| Ulephulile ifasitela. | Ngiyithele yagcwala ingilazi yami. |
| Ugeza ubuso bakhe. | Ibhasi lishaywe abafana. |
| Abantwana Bebanga lesi-6 batshale isihlahla. | UMimi ubebhala i-imeyili. |

Buka le misho elandelayo. Dwebela inhloko nesenzo. Le misho ayinabo omenziwa.

Imisho engenamenziwa ayidingi lutho oluzothinteka esenzweni.



| | |
|---|---|
| UThoko uyafunda. | Inja ilele. |
| Thina siyadla. | Obaba bayasebenza. |
| UNana uyakhala. | Abelusi bayagijima. |
| Ikati lithi nyawu. | Umkhumbi ucwilile. |







ZUL HL G6 B1 TH3.indd 80 2019/04/02 10:18:04

Usuku:





Funda le misho ngokucophelela. Dwebela inhloko ngokubomvu, isenzo ngokusasibhakabhaka nomenziwa ngokusatshani.










| |
|---|
| UMimi uphendule imibuzo eminingi ekilasini namuhla. |
| UMandu uboleke ipensela lami. |
| UJabu ujikijele ibhola lashaya ifasitela lafa! |
| Udadewethu ufunda incwadi ayithathe emtatsheni wezincwadi. |
| Umama upheka isitshulu. |
| Thina silalele umsakazo. |
| Kahleni bo! Mina ngilahle ucingo lwami! |
| Isichotho sishaye ifasitela lalimala. |
| USisi ufake ama-R10 esikhwameni sami semali. |
| UGogo udle isendwishi emini namhlanje. |




Bhala imisho yakho manje. Emushweni ngamunye, dwebela inhloko ngokubomvu, isenzo ngokusasibhakabhaka kanye nomenziwa ngokusatshani.






Incwadi eveza izincazelo zamagama.

Amagama ahlelwe alandelana ngokwe-alfabhethi, kuqala lawo aqala ngo-a- kugcine lawo aqala ngo-z,

Kulawo awala ngo-akubhekwauhlamvu olulandelayo Iwesibili.

Esibonelweni sesicahazamazwi esifakiwe uzobona ukuthi sisebenza kanjani.
Uma usebenza isichazamazwi kukhona amagama okuyiwona asitshelayo ukuthi yiliphi igama elizoqala kulelo khasi Kanye negama elizogcina kulelo khasi

**buzi**

Aa Bb Cc Dd Ee Ff Gg Hh Ii Jj Kk Ll Mm Nn Oo Pp Qq Rr Ss Tt Uu Vv Ww Xx Yy Zz

**ibuzi (ibizo)**

Yigundane elikhulu elimpunga elidliwa ngabafana ekwaluseni.





**hlasi**

**Hlasi** (isenzo)- ukuthatha ngokushesha.

Ukhozi Iwalithi hlasi izinyane Iwemuka.

**Hlathi,i(li) hlathi**

1. Indawo enezihlahla eziningi ngawonye ezitshalwe noma ezizimele.
2. Umuntu onobuhwanqa obuningi

**Hlathi,** um (u)/Hlathi (ibizo), imi-

1. Ithambo elisemlonyeni okumila kulo amazinyo
2. Izinyo elikhulu elivame ukuba sengxenyeni esemuva yomlomo

93




ZUL HL Gr6 B1 TH3.indd 82 2019/01/02 10:18:07

## gundane

**igundane** (ibizo)

Yingundane elincane
elimpunga elihlala esikhotheni.





**Hlathu-Hlathu** (isenzo) ukusebenza isikhathi esifishane

Hlalwane, u (lu) Hlalwane

1. Umhlabathi onomatsana amancanyana
2. Inkulumo ehllabayo engathokozisi

**Hlava**, (in) **Hlava**

1. Ibhungezi elidla unmbila
2. Inyoni ethanda izinyosi

**Hlaya**, i (li) Hlaya – inkulumo noma isenzo esihlekisayo

Hlaza

1. Umbondwe
2. Umunwe omncane omila ngakucikicane
3. Umdlavuza

**Hlazakazi**, u (lu) **Hlazakazi** – ubuluhlaza obusezitshalweni

Umuntu unobuhwanqa obuningi
nomhlophe.

a b c d e f g h i j k l m n o p q r s t u v w x y z





ZUL HL Gr6 B1 TH3.indd 83 2019/01/02 10:18:07

# 41 Ubusuku engingeke ngibukhohlwe



**Masikhulume** Uke waba nalo iphupho elibi?

- Uphupheni kulelo phupho?
- Uke waphupha ngencwadi okade uyifunda?

**Ngaphambi kokufunda**

- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndabai limayelana nani.
- Funda wedlulise amehlo ukuze ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**

- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo.
- Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.



**Masifunde**



Ngelinye ilanga uLindiwe wayelele embhedeni efunda indaba yezingwenya eyayibhalwe ephephabhukwini elisihloko sithi "*National Animal Magazine*". Ngaphambi kokuyolala, wabeka iphephabhuku lakhe eshalofini ngaphandle kwekamelo lokugeza eduzane nje komnyango. Kwathi kamuva ngabo lobo busuku ngenkathi eya ekamelweni lokugeza wezwa umsindo ayengawulindele uqhamuka ngaseshalofini.




Wayephethwe wubuthongo akanganaka ukuthi umsindo ngowani. Kodwa wethuka uma ebona izinto ziqala ukunyakaza. Wabona amaphephandaba namaphephabhuku eqala ukunyakaza. Kwasuka kwanyakaza neshalofu. Kwawa amaphepha agibelana kona lapho. Kwawa amaphephandaba namaphephabhuku. Konke kwagcwala phansi, umsindo nawo wanda. ULindiwe akazange awakholwe amehlo akhe. Umsindo ayewuzwa kwakungowengwenya ayibona seyiza isuka ngaphansi kweshalofu.



Wama waphelelwa ngamandla. Yasuka ingwenya yeza ihamba kancane ibuka ngapha nangapha ekamelweni. Kwakungathi isanda kuphuma emanzini. Umzimba wayo wonke wawuconsa amanzi.  Nayo yayimanzi ihamba iconsisa amanzi. Yayilokhu ibanga umsinjwana wayo, inyakazisa ikhanda nomsila iya le nale. Yasuka yavula umlomo ifuna ukugwinya uLindiwe. Wawabona namazinyo ayo amaningi. Iphephabhuku i-"*National Animal Magazine*" laliphansi ngaleso sikhathi liseduze kwengwenya. Kukhona into eyayingakholeki ngephephabhuku. ULindiwe waqala wayibuka, wayesebona nokuthi ikhava seyinesithombe esingasafani nasekuqaleni. Esikhundleni sokuthi ikhava ibe nengwenya, odongeni lomfula kwase kunodonga lodwa! Walicosha iphephabhuku. Ngaso leso sikhathi ingwenya yamshaya ngomsila wayo olukhuni kodwa kwashayeka isitsha sikanina sezimbali kwaba nezingilazi ezifile yonke indawo. ULindiwe wasuka ngejubane wayongena ekamelweni lakhe lokulala wavala isivalo. Wahlala embhedeni ezwa evikelekile manje. "Mhlawumbe into engcono ukuthi ayiphe okuthile ingwenya. Uma ingathola into ezoyidla kungaba ngcono," kwakusho uLindiwe ngenhliziyo ebuka iphephabhuku i-"*National Animal Magazine*". Wagcina esezitshela ethi, "Uma  le ngwenya ikwaze ukusuka ekhaveni kusho ukuthi nezinye



ZUL HL Gr6 B1 TH3.indd   84     2019/04/02   10:18:11

izilwane zingakwenza lokho." Wavula amakhasi ngejubane wayesethola ikhasi elalinezinyoni ezibizwa ngomakholwase. "Izozidla lezi zinyoni le ngwenya," kucabanga uLindiwe. Wayesezwa kukhona okufohlokayo. Wagxuma. Wabona umsila wengwenya ubhobosa isivalo. Waphuthuma isithombe sikamakholwase wasidudulela ngaphandle kwesivalo efuna ukuyikhombisa ukuthi mayidle inyoni okungcono. Masinyane kwafika omakholwase abaningi baphithizela bebanga umsindo. Babebhakuzisa amaphiko begijima bejikajika eduze nesivalo ngemilenze yabo ezacile. Wabona omunye wabo egwinywa yingwenya. Kwalandela omunye, nomunye, nomunye. Yakhathala ingwenya ekugcineni yalala phansi yavala amehlo. Yayingasanyakazi. ULindiwe wavula umnyango kahle wabeka iphephabhuku ngaphambili kwekhala lengwenya. "Ngwenya," kusho yena enyenyeza, "vele uhambe uye ekhaya." Washo ezama ukubuyela emuva ekamelweni lakhe eyolunguza ngembobo eyayisesivalweni. Ingwenya nezinyoni ngaleso sikhathi kwase kukhombisa ukunyamalala kungena ekhaveni yephephabhuku. Ekuseni abazali bakhe bacela ukwazi ukuthi yini emanzise phansi ekamelweni, nokuthi umnyango uphulwe yini, wona nengilazi kanina eyayiyizingcezu igcwele phansi. ULindiwe akazange azi ukuthi kwenzenjani.





Franz Hohler

(Ihlelwe kabusha isuselwa ku-PIRLS)





Le misho ikhuluma ngokwehlakalela uLindiwe. Ayilandelani ngendlela efanele. Nikeza izinombolo ezizokwenza ukuthi ilandelane kahle. Sizinikezile izinombolo ezimbalwa ukukusiza.



| | |
|---|---|
| | Kamuva waya ekamelweni lokugeza. |
| | Wabona ingwenya ibanga umsinjwana inyakazisa ikhanda nomsila. |
| 2 | Wahamba wayolala. |
| | Wazikhiyela ekamelweni lokugeza. |
| | Wathola isithombe sawomakholwase. |
| | Ingwenya yabadla omakholwase. |
| 9 | Ingwenya yahamba yayolala. |
| | Omakholwase baphuma esithombeni. |
| 1 | ULindiwe wafunda iphephabhuku i-"*National Animal Magazine*" wayeseyibeka phezu kweshalofu. |

# Okunye ngengwenya





Bhala

Phinda ufunde indaba ethi, “Ubusuku engingeke ngibukhohlwe”, bese uphendula le mibuzo ngokubeka uphawu impendulo eyiyona kwezine (a, b, c, d), emibuzweni engasekuqaleni, nokuchaza kwengasekugcineni.



Luphawu luni lokuqala olwaveza ukuthi kukhona into eyayingahambi kahle?

| | |
|---|---|
| a | Kwaqala amaphephandaba anyakaza. |
| b | ULindiwe wabona isithombe ephephabhukwini ukuthi asisenalutho. |
| c | Umnyango wekamelo lakhe wephuka. |
| d | ULindiwe wezwa umsindo owawenziwa yingwenya. |

Wephulwe yini umnyango wekamelo lakhe lokulala?

| | |
|---|---|
| a | Ingwenya iwubhobose ngomsila. |
| b | Ingilazi kanina iphahlazekile. |
| c | Umakholwase ubhobose umnyango ngonoqhwaku. |
| d | ULindiwe ushaye isivalo kakhulu saphuka. |

Yaqhamuka ngakuphi ingwenya?

| | |
|---|---|
| a | Ekamelweni lokugeza |
| b | Ekhaveni yephephabhuku |
| c | Ngaphansi kombhede |
| d | Eduze komfula |

Yimaphi amagama asitshela ukuthi uLindiwe wayethukile?

| | |
|---|---|
| a | Ufane nomuntu owomile |
| b | Akazange awakholwe amehlo akhe |
| c | Uqale ukukhululeka |
| d | Uzwe umsindo wengwenya |

Kungani uLindiwe ecabange ukuthi ingwenya izomhlasela?

| | |
|---|---|
| a | Isuke yaveza amazinyo. |
| b | Yenze umsindo ngomlomo. |
| c | Iqale yabanga umsindo ngamakhala. |
| d | Inyakazise umsila waya emuva naphambili. |





Kungani uLindiwe ebize omakholwase abasephephabhukwini?

Yisho izinto ezimbili ezikhombisa ukuthi iphephabhuku lamsiza uLindiwe.



ZUL HL Gr6 B1 TH3.indd 86 2019/04/02 10:18:18

Usuku:



amagama amasha

Ngabe indaba yengwenya iyahlangana yini nephupho likaLindiwe? Nikeza ubufakazi bokuthi yiphupho leli.

Nikeza ubufakazi bokuthi akulona iphupho leli.

## Isenzo


Isenzo yigama elikhomba ukwenza emshweni. Isenzo yiso esiveza inkathi emushweni. Inkathi kungaba ngeyamanje, edlule noma ezayo. Bheka izibonelo.

*Yena **uyahamba** uya ekhaya. Kuyabonakala lapha ukuthi isenzo ngu-**hamba**,*

*Yena **uhambe** waya ekhaya.*

**Bhala** Funda le misho bese udwebela izenzo ozibonayo. Emva kwalokho kokelezela inhloko emshweni.

| | |
|---|---|
| Mina ngibheke esuphamakethe. | Umfana uphuza ubisi. |
| Umfana uya esizibeni sokubhukuda. | Abafundi babukela umdlalo. |
| Abadlali bafike enkundleni yebhola. | UBaba ugibela ibhayisikili. |
| Wena udlala ibhola lezinyawo. | Umfowethu ukama izinwele zakhe. |
| UDudu ufunda incwadi. | USipho uyagijima njalo uma eya esikoleni. |





ZUL HL Gr6 B1 TH3.indd 87 2019/01/02 10:18:21

# Ngosuku olulandelayo



Masikhulume

## Ukudlala umdlalo

- Linganisani umdlalo lapho nizokhombisa kona ukuthi uLindiwe ubazise kanjani abazali bakhe ukuthi kwenzekeni.
- Nicabanga ukuthi abazali bazomkholwa?
- Khombisani ukuthi uLindiwe ubenza kanjani abazali ukuthi bamkholwe ukuthi yini emanzise ikamelo, yabulala ingilazi kanina yezimbali, yabulala nesivalo sekamelo lokulala. Yenzani isiphetho sendaba kulo mdlalo.

Bhala

Phinda ufunde indaba. Bhekisisa indlela uLindiwe aziphethe ngayo. Zama ukukhumbula zonke izinto azenzile ukuzama ukuzisindisa engwenyeni. Gcwalisa ngesichasiso ukuzama ukuchaza indlela aziphathe ngayo.



Sebenzisa amagama ayisichasiso ukuchaza ukuziphatha kukaLindiwe.



ZUL HL Gr6 B1 TH3.indd 88 2019/01/02 10:15:24

Usuku:






Lungiselela ukubhala uchaze iphupho elibi oke waba nalo. Sebenzisa ibalazwe lemibono ekuzilungiseleleni kwakho.

Isihloko: **"Izolo ebusuku ngiphuphe …"** Gcwalisa ibalazwe ngemibono. Yisho ukuthi wenzeni ngaphambi kokuthi uyolala, kwase kwenzekani ephusheni, nokuthi ligcine kanjani. Yisho ukuthi uphatheke kanjani wena ephusheni.

Ngabe wethukile? Emva kokwenza lokhu, bhala izigatshana ezintathu noma ezine ulichaze iphupho lakho. Bhala umzamo wokuqala. Cela umngani wakho akubhekele amaphutha embhalweni wakho. Bhala umkhiqizo wokugcina ekhasini elilandelayo.

**1** Engikwenze ngaphambi kokuthi ngilale.

**2** Indlela iphupho eliqale ngayo.

**3** Indlela engiphatheke ngayo ngenkathi iphupho liqhubeka.

**4** Indlela iphupho eliphele ngayo.

**5** Ngithe uma ngivuka.

Izolo ngiphuphe




- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhalaumzamo wokuqala
- Cela umngani wakho abheke amaphutha emzamweni wokuqala
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr6 B1 TH3.indd 89 2019/04/02 10:18:38

# 45 Ukubuyekezwa kwencwadi






Bhala

Bhala isibuyekezo sencwadi ngencwadi ethi: Ubusuku "Ubusuku engingeke ngibukhohlwe".

| | |
|---|---|
| Isihloko sencwadi | |
| Umbhali | |
| Isakhiwo<br>Kwenzekani endabeni? | |
| Isizinda<br>Indaba yenzekaphi nini? | |
| Abalingiswa<br>Ngobani abantu ohlangane nabo endabeni? | |
| Ngabe yincwadi ekhuluma ngamaqiniso noma ngendaba esuka ekhanda? | |
| Indikimba<br>Imayelana nani indaba? Yini umyalezo wendaba? | |
| Engikuthandile<br>Iyiphi ingxenye oyithande kakhulu endabeni? | |
| Isiphakamiso<br>Yini engabanga ukuthi uthande ukuba umngani wakho ayifunde le ncwadi? | |







ZUL HL Gr6 B1 TH3.indd 92 2019/01/02 10:15:46

Usuku:

# Ngamaqiniso noma kusuka ekhanda




okuqukethwe

Izinto eziphakathi


2 Amazwi kaMhleli

4 Siphumile isikole!

8 Indlela eya ekuphileni kahle

10 Izikhangiso – umyalezo ofihlekile

12 Umshayeli wetekisi – ingxenye 4

14 Ukunakekela indawo ekuzungezile

16 izincwadi – yisho konke ofisa ukukusho

18 Abasha – indaba ngeNingizimu Afrika

22 Uphuzo kumele luvalwe

24 Izindawo ezinhle zokuvakashelwa




Bhala

Funda izihlokwana ezibhalwe kuleli phephabhuku. Bhala usho ukuthi lezi zihlokwana zingamaqiniso, ziyizindaba ezakhiwe noma ziyimibono yabathile yini.

| | |
|---|---|
| 2 | |
| 4 | |
| 8 | |
| 10 | |
| 12 | |
| 14 | |
| 18 | |
| 22 | |
| 24 | |





Usakhumbula ukuthi liyini ibizo?

| **Amanye amabizo angaba ngumenziwa emshweni.** | |
|---|---|
| Kokelezela isenzo bese udwebela umenziwa emshweni ngamunye. | Kokelezela isenzo emshweni ngamunye. |
| Ngibhake amakhekhe. | Inyoni iculile. |
| Sigibele amabhayisikili. | Ngihlekile. |
| Uligudlulile itafula. | Ngiye ngakhala. |
| Usipendile isithombe. | Iwile incwadi. |
| Umfana ulikhahlelile ibhola. | Ilanga lishonile. |






ZUL HL Gr6 B1 TH3.indd 93

2019/01/02 10:18:56

# 46 UNelson Mandela esemusha



## Masikhulume

- Uke wezwa ngoNelson Mandela?
- Yibaphi abanye abantu abadumile obaziyo?



**Ungawuchaza uthi yini umbhalo okhuluma ngomuntu?**
Umbhalo okhuluma ngempilo yomuntu yindaba ebhalwe ngomuntu othile. Umbhali waleyo ncwadi kungaba nguye umlingiswa oqavile. Lolu hlobo lwezincwadi lukhuluma ngomlando nempilo yomuntu othile. Kuleli khasi uzofunda ngendaba ecashunwe encwadini esihloko sithi ***Long Walk to Freedom*** ebhalwe nguNelson Mandela. Siyenze lula ukuze ikwazi ukufundwa ezikoleni.

## Masifunde

Igama lami ngingu Nelson Mandela. Ngihlala eNingizimu Afrika, izwe elihle elisezansi nezwekazi i-Afrika. Ngazalwa mhla ziyi-18 enyangeni kaJulayi ngonyaka we-1918 esigodini saseMvezo kwelaseMpumalanga Koloni. Ngimdala kakhulu manje.




Ubaba wabe eyinkosi. Wangiqamba igama likaRolihlahla. NgesiXhosa, leli gama lisho ukuthi "nginochuku". Ngangisemncane, cishe nganginonyaka noma emibili, ngenkathi umndeni wami ufudukela endaweni yaseQunu. Kwakumnandi ngenkathi ngelusa izimvu nezimbuzi zikababa.

Ngangithanda ukudlala nabangani bami. Sasibhukuda emifuleni sidla uju olumnandi esasilutapa ezidlekeni zezinyosi. Ngangiqaphela njalo ukuthi ngingantinyelwa zinyosi. Sasifike sihlale ematsheni abushelelezi bese sishishilizela ezansi emadwaleni amakhulu. Sasishishiliza kuze kube buhlungu izinqe singakwazi ngisho nokuhlala. Ngelinye ilanga ngazama ukugibela imbongolo. Ngagibela kahle kodwa yagcina ingiwisele emeveni. Sasingcweka ngezinduku, sidlale ezindaweni ezivulekile kanye nasemifuleni. Yayisijabulisa kakhulu imvelo.

**Ngaphambi kokufunda**
- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba limayelana nani.
- Funda udlulise amehlo ekhasini ukuzei ubone ukuthi uzofunda ngani..

**Ngenkathi ufunda**
- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo.
- Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.

Kwathi uma ngiba neminyaka eyisikhombisa, ubaba wangiyisa esikoleni samakholwa. Ngaba ngowokuqala ukuya esikoleni emndenini wami. UBaba wayengakaze alubeke unyawo esikoleni. Ngaleyo nkathi ngangigqoka ibhayi elalisongelwa ohlangothini olulodwa lwehlombe bese liboshwa okhalweni ngesipeletu. Bonke abafana bebegqoka ngale ndlela. Bekuye kuthi uma sekudingeka siye esikoleni, sigqoke izimpahla ezinhle. Umndeni wami wawuhlupheka kangangokuba wawungakwazi ukuthenga umfaniswano wesikole.



Uthe esuka ubaba wathatha ibhulukwe lakhe walinquma emadolweni. Wathi angiligqoke. Nempela ngaligqoka. Lalilide ngokulingene yize lalivuleke kakhulu okhalweni. Ngangilikhwica ibhulukwe okhalweni. Ngangilibopha ngentambo okhalweni. Ngiyabona nje ukuthi ngangihlekisa, ngiyihlaya, kodwa-ke angikaze ngibe nesudi engangingaziqhenya ngayo ukudlula ibhulukwe likaBaba elinqunyiwe. Uthisha wami wayengakwazi ukukhuluma isiXhosa. Wayengibiza ngoNelson kuphela.




ZUL HL Gr6 B1 TH3.indd 94 2019/04/02 10:19:02



Ake ucabange nje ukuthi kunjani ukunikwa igama elisha sewuneminyaka eyisikhombisa! Kodwa noma kunjalo, ngangihlale ngijabulile esikoleni kanye nasekhaya. UMama wayevame ukungixoxela izindaba zakudala. Ngafunda okuningi kulezi zindaba. Wangifundisa ukuba nomusa kwabanye abantu. Ubaba yena wangifundisa ukuba nesibindi. Ngangithanda ukuba nesibindi njengaye. Ngangithanda nokufana naye. Ngangiye ngithathe umlotha ngiwugcobe ekhanda ngoba ngifuna ukuba izinwele zami zibe mhlophe. Ngangimthanda ubaba.

Ngobunye ubusuku sengiseminyakeni eyisishiyagalolunye ubudala, ngezwa kunokuxokozela endlini ngangazi ukuthi kwenzekani. Ngangena. Ngathola ubaba elele ngomhlane phansi eqhugwaneni likaMama. Wayekhwehlela aze ashaye phansi ngonyawo. Wayeqalwa yisifo samaphaphu. Ngesikhashana emva kwalokho, washona. Impilo yami yaguquka kusukela lapho. Akuphelanga sikhathi, saqoqa izimpahlana zethu sinomama sekudingeka ukuthi siye ekhaya elisha. Kwaba buhlungu kimi ukushiya iQunu.

Kwathi noma sesihamba, ngaguquka ngama ngabheka ikhaya lami engase ngilishiya emuva. Lasala ngempela kanye nayo yonke injabulo elalinayo. Ngawabuka amaqhugwane kanye nabantu behla benyuka benza imisebenzi yabo eyejwayelekile. Ngabuka umhosha engangivame ukubhukuda ngidlale kuwo nabanye abafana. Ngabuka amaqhugwane akithi amathathu. Ngangingazi ukuthi ikusasa lingiphatheleni. Sahamba sayohlala emzini kaJongintaba. Kwakuyindawo yaseMqhekezweni lena esigodini esasiseduzane nesakithi. Wayengumngani omkhulu kababa uJongintaba. Kwakumnandi ukuhlala kwakhe. Ngangidlala nendodana yakhe uJustice, kumnandi.



Lo mnumzana wayengiphethe njengengane yakhe. Ngafunda esikoleni esiseduze esasinendlu eyodwa yokufundela. Kwathi uma ngiba neminyaka eyi-16 ubaba uJongintaba wangiyisa esikoleni Clarkebury. Kusobala ukuthi wayekholelwa ekubalulekeni kwemfundo.

Emva kweminyaka emithathu ngaya eHealdtown esikoleni semfundo ephakeme. Ngangisebenza ngokukhuthala esikoleni. Kwathi uma ngiba neminyaka engama-21, ngaya eNyuvesi yaseFort Hare.

UTHISHA: Ukusayina ________ Usuku ________



ZUL HL Gr6 B1 TH3.indd 95 2019/01/02 10:19:05

# 47 Ukubuyekeza incwadi



Bhala

Bhala isibuyekezo sencwadi ngendaba kaNelson Madela esemncane ecashunwe encwadini ethi: *Long Walk to Freedom*.



| | |
|---|---|
| Isihloko sencwadi | |
| Umbhali | |
| Isakhiwo<br>Kwenzekani endabeni? | |
| Isizinda<br>Indaba yenzekaphi, nini? | |
| Abalingiswa<br>Ngobani abantu ohlangane nabo endabeni? | |
| Ngabe yincwadi ekhuluma ngamaqiniso noma ngendaba esuka ekhanda nje? | |
| Indikimba<br>Imayelana nani indaba?<br>Yini umyalezo wendaba? | |
| Engikuthandile<br>Iyiphi ingxenye oyithande kakhulu endabeni? | |
| Isiphakamiso<br>Yini engabanga ukuthi uthande ukuba umngani wakho ayifunde le ncwadi? | |





ZUL HL Gr6 B1 TH3.indd 96 2019/01/02 10:19:07


Usuku:

# Yini othanda kakhulu ukuyifunda?




Masikhulume

Kuze kube manje kule ncwadi yokusebenzela nezinhlobo ezahlukahlukene zemibhalo edinga ukufundwa nokubhalwa eBangeni lesi-6. Ungathi yiziphi izimpawu zohlobo ngalunye lombhalo, yiziphi ozithandayo uma uzifunda? Xoxa ngezimpawu lezo neqembu lakho. Uma sewuqedile, landelanisa izinto ozithandile ngokuzinika izinombolo usukele koku-1 – 12. Sikwenzele izinombolo ezimbalwa zokuqala



| **Uhlobo lombhalo** | **Izimpawu zalolo hlobo lombhalo.** | **Ukulandelana kwendlela engiyithanda ngayo** |
|---|---|---|
| Iziqeshana ezise-phephabhukwini Amakhasi 1, 3 | Izihloko, ngemigqa, inkathi edlule | |
| Izinganekwane | Imiyalezo kanye nabalingiswa abayizilwane nabangabantu | |
| Amaphamfulethi | | |
| Izikhangiso | Ulimi oluthonyayo | |
| Imibhalo ethonyayo | | |
| Imidlalo nezinkulu-mo-mpendulwano | | |
| izinkondlo | Ulimi olujulile, olunencazelo ejulile, ubunkondlo | |
| Umbhalo owumyalelo | Ukusetshenziswa kolimi lokuyala, izinto ezibonakalayo | |
| Amadayari | Inkathi edlule | |
| Imibiko ngezi-ncwadi ezifundiwe | | |
| Imibhalo enemidati yolwazi | Izithako nezindlela zokupheka | |
| Izincwadi zomlando wombhali Amakhasi 4, 6 | Indaba ngempilo yombhali | |



UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr6 B1 TH3.indd 97 2019/01/02 10:19:08

# 48 Umdlalo ngezinkathi ezahlukene

## Inkathi yamanje eqhubekayo

Sisebenzisa inkathi yamanje eqhubekayo.

Ubukela umabonakude manje.

Bhala



Qedela le misho elandelayo usebenzisa isenzo esikubakaki ukubhekisa enkathini yamanje.

Yena ________ (-bhukuda) emfuleni manje.

Yena ________ (-dlala) njengoba sikhuluma nje.

Bona ________ (-ya) esikoleni manje.

## Inkathi edlule eqhubekayo

Abantwana bebelele ngenkathi kusha umlilo.

Bhala



Qedela le misho elandelayo usebenzise izenzo ezikubakaki ubhekise kokwenzeke enkathini eqhubekayo.

Ilanga ________ (shisa) ngenkathi ngivuka.

Izulu ________ (-na) ngenkathi ngifika esitobhini sebhasi.


Mina ________ (-dla) isidlo sasekuseni ngenkathi kukhala ucingo.

## Inkathi ezayo eqhubekayo

Sisebenzisa inkathi ezayo eqhubekayo.

Ngizobe ngisebenza isonto lonke elizayo.

Bhala



Qedela le misho elandelayo usebenzisa Inkathi ezayo ezenzweni ezikubakaki.

Thina ________ (-fika) endaweni ezovakashelwa yisikole isonto lonke.

Mina ________ (hambela) umhlangano webhola ngesonto elizayo.

Thina ________ (-ya) eCape Town kusasa.



ZUL HL Gr6 B1 TH3.indd 98 2019/04/02 10:19:10

# Zihlole!



## Zihlole

| Ngiyakwazi manje | | |
|---|---|---|
| ukufunda iresiphi | | |
| ukubona ukumiswa okwejwayelekile kombhalo (itekisi) oqukethe umyalelo othile | | |
| ukulandelana kwemiyalelo | | |
| ukuphendula imibuzo yokuqonda esuselwa kuresiphi | | |
| ukubhala iresiphi | | |
| ukugcwalisa ifloshadi | | |
| ukubhala imiyalelo ehambisana nebalazwe/nomdwebo (idayagramu) | | |
| ukusebenzisa izijobelelo neziqalo | | |
| ukudweba ibalazwe | | |
| ukukihomba inhloko, isenzo nomenziwa emshwenl | | |
| ukubhala incwadi (eya kothile) | | |
| ukusebenzisa isichazamazwi | | |
| ukuqonda okwejwelekile okusetshenziswa esichazamazwini | | |
| ukufunda indaba uphendule imibuzo yokuqondisisa | | |
| ukubona nokusebenzisa amabizo angalandelwa ngomenziwa | | |
| ukubona nokusebenzisa izenzo ezilandelwa noma zingalandelwa ngumenziwa | | |
| ukusebenzisa isenzo enkathini yamanje, eyedlule,nezayo | | |
| ukubhala ngokuthi unesimilo nokunye okunjani umlingiswa | | |
| ukusebenzisa izichasiso ekuchazeni isimilo somlingiswa | | |
| ukuhlela nokubhala i-eseyi | | |
| ukubhala umbiko ngencwadi efundiwe | | |
| ukubona izinhlobo ezahlukene zemibhalo (amatekisi) | | |
| ukufunda indaba yomuntu ayibhale ngaye | | |



ZUL HL Gr6 B1 TH3.indd 100 2019/01/02 10:19:26

Okuqukethwe



## Indikimba 4: Ukufunda indaba esuka ekhanda

**Ukufunda indaba: IThemu 2: Amasonto 5 - 6**


**49 Ukufunda indaba** 102
Ingxoxo ebhekiswe emidwebeni nasezihlokweni kungakaqali ukufunda.
Uphendula ngomlomo imibuzo emayelana nokuqonda umyalelo.
Bhala amagama amasha esichazamazwini sakhe.

**50 Abalingiswa** 104
Ukuchazwa komlingiswa osemqoka.
Uyakwazi ukubhekisisa izimpawu zomlingiswa.
Uyakwazi ukugcwalisa uhla lwezinto ezichaza ukuziphatha komlingiswa ophilayo.
Uyakwazi ukubhala incazelo ngomlingiswa ophilayo.

**51 Abalingiswa abakholekayo endabeni** 106
indaba kumele ibe nesingeniso, umzimba nesiphetho.
Okushiwo yiziqalo nezijobelelo.
Uyawabhala amagama amasha esichazamazwini sakhe.

**52 UJakobe uphelelwa yithemba** 108
Umsebenzi wokwenziwa ngaphambi kokuthi kufundwe.
Ukufunda indaba yezikhathi zamanje.
Uyayiphendula imibuzo yokuqonda ebhekiswe embhalweni.
Uyawabhala amagama amasha esichazamazwini sakhe.

**53 Ukunotha kolimi?** 111
Izisho kanye nezifengqo ezisetshenziswe endabeni.
Ukubhala ukufingqa.
Ukubhala umbiko ngokuziphatha komlingiswa oqavile
Ukusetshenziswa kwezingazenzo.

**54 Zilungiselele ukubhala indaba** 112
Ukusebenzisa ibalazwe lemibono endabeni uma kubhekiswe kubalingiswa, isizinda, isakhiwo kanye nesiphetho.
Ukulungisa amaphutha endaba ebhalwe ngumngani.
Ukubhala indaba ngokucophelela esikhaleni onikezwe sona.
Uyawabhala amagama amasha esichazamazwini sakhe.

**55 Inkathi esandakudlula** 114
Ukusetshenziswa kwenkathi esanda kudlula.
Izenzo ezisenkathini esanda kudlula emishweni.
Ukwakha imisho esenkathini esanda kudlula.

**56 Ingxoxo nompetha webhola lezinyawo** 116
Ukuphinda kufundwe inkulumo yokufuna umsebenzi kusetshenziswa izinto ezibonakalayo.
Umsebenzi wokufunda ngokuqonda umbhalo.
Ukwenza inkulumo yokufuna umsebenzi ukuze kutholakale umuntu ofanele.


**Ukufunda ngenhloso yokuzuza ulwazi: IThemu 2: Amasonto 7 - 8**


**57 Yibhola lezinyawo yonke indawo!** 118
Imisebenzi ebhekiswe ezintweni ezibhaliwe nezibonakalayo kungakafundwa.
Amathebula okufundwa ngemininingwane yebhola lezinyawo
Ukufunda ithebula leligi.
Ukuphendula imibuzo ebhekiswe emibhalweni enezithombe namathebula.

**58 Umlando webhola lezinyawo** 120
Ukufunda ikhasi le internet ekhuluma ngomlando webhola lezinyawo.
Ukuphendula ngomlomo imibuzo ebhekiswe embhalweni.

**59 Ukubhala imininingwane yolwazi** 122
Ukuxoxa ngomkhuba wokuthanda ezemidlalo.
Ukulungiselela ukubhala umbhalo wobungani kulandelwe izinyathelo eziyi-6.
Ukubhala umbhalo onemininingwane yolwazi ngokulandelana kwayo.
Uyawabhala amagama amasha esichazamazwini sakhe.

**60 Isichasiso** 124
Okunye ngesichasiso
Ukubona isichasiso.
Ukusebenzisa isichasiso emishweni.

**61 Kuya nokuthi izulu linjani** 126
Umsebenzi wokwenziwa ngaphambi kokuthi kufundwe bese kuxoxwa ngesimo sezulu.
Ukufunda amashadi ngesimo sezulu anemigqa ebese nokuphendula imibuzo ebhekiswe kuwo.
Uyawabhala izigaba amasha esichazamazwini sakhe.

**62 Umjikelezo wamanzi** 128
Ukufunda isithasiselo.
Ukuchazela umngani ngomdwebo.
Ukubhala izigaba athile avezwe wumdwebo.
Uyawabhala amagama amasha esichazamazwini sakhe.

**63 Isihloko sami** 130
Ukuhlela nokuthola isihloko.
Ukubhekisisa isingeniso, ucwaningo, imibono emihle, imidwebo kanye nezihloko ezizosetshenziswa.
Ukubhala imininingwane yolwazi ngokucophelela.

**64 Yini esebhokisini?** 132
Ukufunda incwajana equkethe izinhlelo sikamabonakude kanye nokuphendula imibuzo ngayo.
Ukuzihlola ngemiphumela yezifundo eziyi-16 esezenziwe.
Uyawabhala amagama amasha esichazamazwini sakhe.




# Ukufunda indaba





Masifunde

Namuhla sizofunda indaba yesicabucabu esaziwayo sase-Afrika esibizwa ngokuthi ngu-Anansi. Uma ufunda le ndaba bheka kakhulu ukuziphatha kwakhe. Wayeziphethe njengochakijana omdala.

**Ngaphambi kokufunda**


- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba limayelana nani.
- Funda wedlulise amehlo ekhasini ukuze ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**

- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo.
- Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.

## Isicabucabu sithola imilenze ezacile

Kwesukesukela Cosu! Kudalo kwakukhona isicabucabu esasibizwa ngokuthi ngu-Anansi. Nakuba u-Anansi wayepheka kahle kodwa wayelivila. Wayekhetha ukudla ukudla okuphekwe ngabanye abantu endaweni. Kwakuba ngukudla abaziphekele kona bona kanye nemindeni yabo.



Ngelinye ilanga wafika endlini kaGwajo. UGwajo wayengumngani wakhe omkhulu. “Kunemifino eluhlaza ebhodweni lakho,” kusho u-Anansi ngokujabula. Wayeyithanda imifino eluhlaza u-Anansi.

“Ayikakavuthwa,” kusho uGwajo. “Izovuthwa nje masinyane. Ungayilinda izothi uma ivuthwa siyidle sobabili.”

“Kungaba kuhle, Gwajo, ukuthi nje ngisenezinto engidinga ukuzenza,” kuphendula u-Anansi ezwakala ephuthuma. Wayecabanga ukuthi uma engalinda endlini kaGwajo, uGwajo uzosuke amnike umsebenzi ukuthi amenzele. Wayengathandi nje nokuzibona ewasha izitsha.

“Uyazi ukuthini,” kusho u-Anansi. “Ngizokhipha ubulwembu ngibubophele emlenzeni wami bese ngiyobubophela ebhodweni. Uma sekuvuthiwe, udonse ubulwembu, ngizoza ngigijima!”


UGwajo wawuthanda lo mqondo. Base benza kanjalo-ke.

“Kwanuka ubhontshisi,” kusho u-Anansi enukanuka ehambahamba. “Wubhontshisi omnandi lowo. Usebhodweni.”

“Yiza uzodla ubhontshisi kanye nathi,” kumemeza izinkawu. “Sewuyavuthwa.”

“Kungaba kuhle, baba uNkawu,” kusho u-Anansi. Waphinda wacela ukubophela ubulwembu emlenzeni abubophele futhi ebhodweni elikhulu eligcwele ubhontshisi.

Ubaba uNkawu wawuthanda lo mqondo. Nabantwana bawuncoma impela nje. Base benza kanjalo-ke.





“Kwanuka ubhatata,” kusho u-Anansi enukanuka ehambahamba. “Ubhatata noju. Kwaze kwaba mnandi!”

“Anansi,” kumemeza umngani wakhe uNgulube. “Kugcwele ubhatata noju ebhodweni lami! Woza sizodla sobabili.”

“Kungaba kuhle,” kusho u-Anansi. Waphinda wacela ukubophela ubulwembu emlenzeni abubophele futhi ebhodweni elikhulu eligcwele ubhatata noju.


Umngani wakhe uNgulube wawuthanda lo mqondo. Base benza kanjalo-ke.




ZUL HL Gr6 B1 TG.indd 102 2019/04/02 10:17:11

Usuku:

amagama amasha



Kuthe uma efika emfuleni u-Anansi wayesenobulwembu obuboshelwe emlenzeni ngamunye kuyo yonke imilenze yakhe. "Wumqondo omuhle lona," kukhuluma u-Anansi ehamba yedwa. "Kazi ngelikabani ibhodwe elizovuthwa kuqala. Ngizodla izidlo eziyisishiyagalombili ngangemilenze yami namhlanje. Yimina-ke lowo."



Ngaso leso sikhathi u-Anansi wezwa kukhona okudonsa umlenze wakhe. "Aha," kusho u-Anansi. "Wubulwembu obuboshelwe ebhodweni likaGwajo lemifino eluhlaza." Wadonseka omunye umlenze futhi. Kwadonseka nomunye. Kwadonseka nomunye futhi. Kwadonseka emithathu ngesikhathi esisodwa. "Hhayi bo," kusho u-Anansi, kwase kudonseka umlenze wesine phela manje. Ngaso leso sikhathi wezwa kudonseka umlenze wesihlanu. Kwadonseka owesithupha. Owesikhombisa. Kwaba ngowesishiyagalombili! Wazithola esedonseka eya le eya le, edonswa yibo bonke abangani bakhe ngesikhathi esisodwa. Imilenze yakhe yadonseka yaba mincane. Wazigingqa masinya wayongena emfuleni. Ekugcineni, uma ubulwembu obebusemilenzeni sebuhambe namanzi, waphuma kubuhlungu umzimba wonke ephumela ngaphandle komfula. "Bakithi!," kukhononda u-Anansi, "Akubanga wumqondo omuhle lona mhlawumbe." Kunamhlanjena nje u-Anansi, isicabucabu, unemilenze ezacile. Inkinga ukuthi akazange adle lutho nangalelo langa.
Cosu! Cosu! Iyaphela





Masikhulume

| |
|---|
| Wakhethelani u-Anansi ukungalindi endlini kaGwajo kuze kuvuthwe imifino eluhlaza? |
| Wayithola kanjani imilenze eyisishiyagalombili ezacile? |
| Wazisindisa kanjani u-Anansi ekuthini adonseke ephuke abe yizicucu? |
| Isifundisani le ndaba? Sazi kanjani ukuthi akuyona indaba eliqiniso lena? |
| Buka izithombe bese uxoxela umngani indaba ngokulandelana kwezehlakalo zayo. |




ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 103 2019/01/02 10:17:14

# Make sibheke abalingiswa






Bhekisisa ukuthi u-Anansi yini ayishoyo nayenzayo endabeni.
Bhala amagama achaza u-Anansi.



Chaza ukuziphatha kwakhe u-Anansi




Chaza manje ukuziphatha komuntu wangempela.

- Khetha umuntu ozobhala ngaye. Lowo muntu angaba yiqhawe, kube ngophilayo noma osashona.

| | |
|---|---|
| Igama lomlingiswa wakho | |
| Ubulili | |
| Ubudala | |
| Indlela abukeka ngayo | |
| Umsebenzi awenzayo | |
| Ikhono analo | |
| Kungani ukhethe yena | |

- Yenza uhlu lwezinto eziveza ukuthi uziphethe kanjani (izimpawu anazo). Wena nomngani hlanganisani imibono yenu. Sebenzisani isichasiso ukumchaza.
- Ukuze nethule indlela umlingiswa avezwe ngayo, yishoni izinto azishilo nazenzile.





ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 104 2019/01/02 10:17:20

# UJakobe uphelelwa yithemba






Masikhulume

Buka izithombe kanye nesihloko sendaba usho ukuthi indaba kufanele ukuthi imayelana nani.
Ingahle ibe nabalingiswa abanjani le ndaba? Uhambise amehlo endabeni yonke bese usho ukuthi imayelana nani.



Masifunde



UJakobe ubedlalela iNewville Soccer Club. Yena nabangani bakhe bebeyaye bayozilolonga ngokudlala ibhola uma kuphuma isikole. UJakobe ubeye agijime neqembu bezilolonga ngokudlala ibhola lezinyawo uze ucabange ukuthi abasakhumbuli ukuthi bazobuye bagijime futhi kusasa. Ubezilolonga kuze kube buhlungu izicubu. Ubezijwayeza ukubamba ibhola, agadle emapalini noma evale amehlo. Nakuba kunjalo umqeqeshi akazange amfake eqenjini ukuthi adlale. Ekugcineni uJakobe wazithola ehlala ebhentshini nje engadlali nakancane.

UJakobe wayephupha ngokudlala enkundleni. Wayephupha ezibona efaka amagoli.

Kwaze kwathi ngelinye ilanga **kuwumdlalo wamanqamu**, uJakobe engafakwa emdlalweni futhi, walilahla ithemba. "Ayikho into engizoyenza," kwasho yena kunina. "Ngizilolonge kanzima, angiphuthi, kodwa umqeqeshi akangidlalisi.

Ngiyayeka," kusho yena. "**Kungimi emphinjeni lokhu. Ngiphonsa ithawula**."

"Ungakwenzi lokho, Jakobe," kusho unina. "Lizofika ithuba lakho ngelinye ilanga."

"Akangidlalisi umqeqeshi," kusho yena ngokukhononda.

Kwathi ngoMgqibelo owandulela umdlalo wamanqamu, umqeqeshi wamemezela amagama ababezodlala. UJakobe wathi uma entshontsha ebuka uhla, walibona igama lakhe. "Jakobe, uziqeqeshe kanzima. Uzodlala phambili ube ngumgadli. Khumbula, wumdlalo wamanqamu, " kuyala umqeqeshi.

UJakobe akazange azikholwe izindlebe zakhe.

Lwafika usuku olukhulu. Kwezwakala ngezibukeli zimemeza, zifutha amavuvuzela. **Kwaduma indawo** yonke.

Kwase kusele umzuzu owodwa kukhale impempe iqede umdlalo, kodwa ngokwamagoli kwakuyi-0 ngapha ne–0 ngale. INewville Club kwabonakala ukuthi idinga igoli!

"LIthathe ibhola, Jakobe," kumemeza uJabu. Wayesho elidlulisa elinikeza yena uJakobe.





ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 108
2019/04/02 10:17:45



UJakobe nanguya elibamba. Washo wagqashuka ngejubane edlula abadlali basemuva ababili. Wagwingciza eya kwesokunxele ejikela kwesokudla. Bathi besadidekile, waqondana namapali. “Jakobe! Jakobe!” kumemeza izihlwele. Kwaba sengathi yiphupho. Kulo owayevimbe emuva owabonakala ephonsa unyawo lwamshaya walala phansi enhlabathini uJakobe. “Umkeqile!Umkeqile!” kumemeza umqeqeshi.

“**Peeee! Peee!**” kukhala impempe unompempe eyifutha. “Lizokhahlelwa yiNewville Club!” kumemeza unompempe. “Jakobe, yithathe wena.”


UJakobe wabonakala elibeka phansi enkundleni. Wama kancane waphefumula, wayeseya phambili enza njengoba eye enze uma ezilolonga. Wabuka amapali ngokucophelela. Wabuka ichopho eliphezulu kwesokudla senethi. Walishaya ngamandla akhe wonke. Kwaba sengathi liphuma ngaphezulu, kanti lizovele lehlele enethini. Yasukuma inkundla, yahlanya. INewville yawunqoba umqhudelwano.

“Ngishilo,” kusho unina emgona umfana wakhe. “Ngokuzikhandla kwakho usudle ubhedu!”

Bhala

Ngobani abalingiswa bale ndaba?

| **Umlingiswa oqavile** | **Abanye abalingiswa** |
|---|---|
| | |
| | |



Yini ebeyenza uJakobe ukuthi alahlekelwe yithemba? Bhala umusho owodwa ositshela ukuthi wayeselahlekelwe yithemba.



Bhala umusho osendabeni oveza ukuthi uJakobe waba nakho ukubekezela.




ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 109 2019/04/02 10:17:49

# Yini enye esiyitshelwa yindaba?



Bhala Zichaza ukuthini lezi zisho?

## Izisho



Akazikholwanga izindlebe zakhe.

Lokhu kungima emphinjeni.

Udle ubhedu.

## Izifenqqo

Zifenqqo zini lezi ezilandelayo?

| kwaduma izwe lonke | Wasukisa okonyazi uJakobe | UJakobe ungunyazi uqobo |
|---|---|---|
| | | |

Thola elinye igama endabeni elisho okufanayo nala magama alandelayo. Uma ungalitholi, lifune esichazamazwini.

| kuyashisa | | wabheka | |
|---|---|---|---|

Bhala Fingqa indaba emayelana noJakobe. Yisho ukuthi lukuphathe kanjani lolu suku. Sebenzisa amagama athi, Okokuqala ngi-, okulandelayo nga-, okokugcina nga-.

# Zilungiselele ukubhala indaba




- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umzamo wokuqala
- Cela umngani wakho abheke amaphutha kumzamo wokuqala
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.

**Bhala**

Xoxela umngani wakho indaba ofuna ukuyibhala. Bhala uhlaka lwakho kuleli khasi.

Kuzoba ngobani abalingiswa bami?

Indaba yenzeka kuphi nendawo?



Isihloko sendaba

Kwenzekani endabeni?

Iphela kanjani indaba yami?

**Bhala**

Xoxa nomngani wakho ngezinto ozilungisele indaba. Bhala uhlaka lwendaba ephepheni nje. Cela umngani wakho akulungisele amaphutha. Nawe ungamlungisela amaphutha ohlakeni lwakhe. Bhala indaba yakho ngobunono ekhasini elingaphesheya.






ZUL HL Gr6 B1 TH4.indd 112 2019/04/02 10:17:59

# Inkathi esanda kudlula



Sisebenzisa inkathi esanda kudlula ukukhombisa ukuthi into yenzeke esikhathini esedlule.



**Bhala** Dwebela amagama ayisenzo asenkathini esandakudlula.

| | |
|---|---|
| 1. | Usesibuke izikhathi eziningi leso sithombe. |
| 2. | Ngicabanga ukuthi sengihlangane naye kambalwa. |
| 3. | Sekube nezikhukhula kakhulu KwaZulu-Natali. |
| 4. | Ihhashi beligijima ngasemfuleni. |
| 5. | Uke wayifunda le ncwadi? |
| 6. | Ngisibukile leso sithombe. |
| 7. | Ngikhulume naye izikhathi eziningi ngokuziphatha kwakhe. |
| 8. | Sifikile eCape Town kulezi zinsuku ezedlule. |
| 9. | Ngiyilahlile incwadi yakho. |
| 10. | Usivakashele kambalwa yena. |



Guqula le misho ibe senkathini esandakudlula.

Uye ekhaya ngoba …

Ugijime waya esikoleni ngoba…

Anginqobanga ngoba…

Sesike saya e-…



ZUL HL Gr6 B1 TTA.indd 114 2019/01/02 10:18:01

Bhala

Guqula isenzo esikubakaki sibe senkathini esanda kudlula.

Isibonelo

Umfowabo (uvakasha) kaningi (uvakashe).

Mina ____________ (thenga) incwadi emnandi.

Lo makhi ____________ (akha) isikole sakithi.

UGogo ____________ (buka) isithombe kathathu.

Ntambama ____________ (buya) nesikhwama sami sezincwadi.


Thina ____________ (enza) lapho.

OLungi ____________ (washa) izindishi ngenkathi sifika.

Sonke ____________ (funda) izindaba encwadini esiyinikwe esikoleni.

Thina ____________ (qeda) umsebenzi wesikole sayolala.

Sobabili ____________ (zwa) ukuthi kunendaba azosixoxela yona.



Zakhele eyakho imisho esenkathini esandakudlula.



____________

____________

____________

____________

# Ingxoxo nompetha webhola lezinyawo



Ngobani abawompetha bezemidlalo ocabanga ukuthi bayazimisela eNingizimu Afrika?
Kungani ucabanga ukuthi bawompetha?
Yini ebangele ukuthi baphumelele?
Wazini ngokuziphatha kwabo?



**Ngaphambi kokufunda**

- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba limayelana nani.
- Funda udlulise amehlo ukuze ukuba ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**

- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufund ayo.
- Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.

## Make sizwe ngompetha webhola lezinyawo ophumelele.

***Noko Alice Matlou***

Uma kukhulunywa ngebhola lezinyawo, kuvame ukuthi kukhulunywe ngabantu besilisa. Kodwa omunye wompetha bebhola lezinyawo eNingizimu Afrika ungowesifazane: nguNoko Alice Matlou. UMatlou wethulwa ngengompetha e-Afrika yonkana ngonyaka wezi-2009 ehlonishwa yi-Confederation of African Football. Waba ngowokuqala eNingizimu Afrika ukuthola lo mklomelo.

**Funda le ngxoxo eyenziwe naye uMatlou uthole okuningi ngaye.**

**Wazalelwa kuphi, uhlala kuphi njengamanje?**
*Ngazalelwa eMolegie, eGaphaudi eLimpopo. Ngihlala kona namanje.*

**Waqala nini ukuthanda ezemidlalo?**
*Ngaqala ukudlala ibhola lezinyawo esikoleni samabanga aphansi. Ngayithanda imidlalo, ngabona futhi ukuthi ngigijima kahle, ngilidlala kahle futhi ibhola lezinyawo. Ngangiye ngigijime, kanti ngangigijima kakhulu ikakhulu ebangeni lamamitha ayi-100 kanye nelamamitha angama-200. Ngangigijima impela nje ngenkathi ngisesesikoleni, futhi ngangiye ngephule amarekhodi.*

**Uzigcina kanjani usesimeni somzimba esifanele?**
*Ngizilolonga kabili ngosuku. Ngivuka ekuseni ngiyogijima imizuzu engama-30. Bese kuthi ngelesi-3 ntambama ngibuye ngiyozilolanga amahora acishe abe mathathu. Kulapho ngizilolongela kona ukudlala ibhola.*

**Ungabanika siphi iseluleko abasha?**
*Kumele uzivocavoce ngokuzikhandla ukuze udlale kalula.*





ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 116 2019/04/02 10:18:05



**Bhala**

Emva kokufunda lolu daba ngoMatlou nengxoxo naye, phendula le mibuzo elandelayo.

Yini aphumelele kuyo uMatlou?

Uzivocavoca kangakanani uMatlou?

Wangena kanjani ebholeni?

**Masenze**


Umngani wakho makenze sengathi ungumpetha wezemidlalo. Xoxisana naye uthole ukuthi uphumelele kanjani. Uzodinga ukuthola lokhu kuye:

- Ufikelwe nini wuthando lwalo mdlalo, kanjani
- Izinto aphumelele kuzo kulo mdlalo
- Unamlayezo muni afuna ukuwudlulisela kubantu abasha.

**Bhala**

Khetha oyedwa esikoleni sakho kumbe emphakathini obona ukuthi unekhono. Mcele ukuthi nihlale phansi nixoxe. Ekuxoxeni kwenu, zama ukuthola izimpendulo zale mibuzo elandela yo. Bhala usho ukuthi yena ungumuntu onjani.

- Impilo yakho ibinjani usengumntwana? Wacatshangiswa yini ukuthi ungenele lo mdlalo?
- Uphumelele kumuphi umdlalo, kanjani?
- Myalezo muni lowo muntu onawo ngentsha yaseNingizimu Afrika?





ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 117 2019/01/02 10:18:08

# Yibhola lezinyawo yonke indawo!






Masikhulume

- Wena uthandani kwezemidlalo, noma uvame ukubukela luhlobo luni lwemidlalo?
- Ngubani omthanda kakhulu kwezemidlalo? Kungani?
- Ucabanga ukuthi umuntu ufinyelela kanjani ezingeni lokuba ngumpetha kwezemidlalo?
- Ngubani eNingizimu Afrika ongumpetha webhola lezinyawo, wokugijima, wokubhukuda kanye nokunye?









Masifunde

Ngonyaka we-2010 iNingizimu Afrika yavuma ukuthi indebe yomhlaba yeFIFA izodlalelwa kuyo. Izinkulungwane ngezinkulungwane zabalandeli zagcwalisa izinkundla ezilishumi ukuzokwethamela le midlalo. Amaqembu amaningi omhlaba ebhola lezinyawo atheleka kuleli ezodlalela le Ndebe.

Yini oyaziyo ngomqhudelwano wezi-2010 webhola lezinyawo?
Funda okubhalwe emathebuleni ngezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ithebula loku-1: eliveza izinkundla zebhola lezinyawo zeNdebe Yomhlaba yonyaka we-2010


| **Idolobha** | **Inkundla** | **Inani lezibukeli eliqukathwa yile nkundla** |
|---|---|---|
| eCape Town | eGreen Point | 40 000 |
| eBloemfontein | Free State | 70 000 |
| eThekwini | eMoses Mabhida | 60 000 |
| eGoli | e-Ellis Park | 95 000 |
| eGoli | eSoccer City | 40 000 |
| eNelspruit | eMbombela | 40 000 |
| ePolokwane | ePeter Mokaba | 40 000 |
| eRustenburg | eRoyal Bafokeng | 45 000 |
| ePitoli | eLoftus Versveld | 45 000 |
| eBhayi | eNelson Mandela Bay | 50 000 |






ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 118 2019/01/02 10:18:09

| Ithebula lesi-2: Imiphumela yeNdebe yoMhlaba yeFIFA onyakeni we-2010. | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **Amakotafayinali** | | | | |
| Usuku | Inkundla | Izwe loku-1 | Izwe loku-2 | Amagoli |
| 02 kuNtulikazi 2010 | Nelson Mandela Bay/eBhayi | Netherlands | Brazil | 2:1 |
| 02 kuNtulikazi 2010 | Johannesburg | Uruguay | Ghana | 1:1 |
| 03 kuNtulikazi 2010 | Cape Town | Argentine | Germany | 0:4 |
| 03 kuNtulikazi 2010 | Johannesburg | Paraguay | Spain | 0:1 |
| **Amasemifayinali** | | | | |
| 06 kuNtulikazi 2010 | Cape Town | Uruguay | Netherlands | 2:3 |
| 07 kuNtulikazi 2010 | Durban | Germany | Spain | 0:1 |
| **Amafayinali** | | | | |
| 11 kuNtulikazi 2010 | Johannesburg Soccer City | Netherlands | Spain | 0:1 |







Sebenzisa ithebula loku-1 nelesi-2 ukuphendula le mibuzo elandelayo. Bhala izimpendulo zakho esikhaleni onikwe sona.

| | |
|---|---|
| Iyiphi inkundla enkulu kunazo zonke? | |
| Ithatha abantu abangaki? | |
| Umdlalo wokugcina wadlalwa nini? | |
| Wadlalelwa kuliphi idolobha? | |
| Wadlalelwa kuyiphi inkundla? | |

Yimaphi amazwe adlala kumakotafayinali?

| | | | |
|---|---|---|---|
| | | | |
| | | | |



| | |
|---|---|
| IGhana yadlala nini? | |
| IGhana yadlala naliphi izwe? | |
| Ama kanjani amagoli ngenkathi kudlala iGhana? | |
| Yadlalela kuphi iGhana? | |
| Yiliphi iqembu elanqoba ekugcineni? | |
| Ama kanjani amagoli ngomdlalo wokugcina? | |

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 119 2019/04/02 10:18:11

# Umlando webhola lezinyawo





Masifunde



## AmaShayina

Eminyakeni engamakhulukhulu eyadlula, mhlawumbe ngeyawo-400 BC, amasosha aseShayina ayaye adlale umdlalo obizwa ngokuthi: "Tsu'Chu", owawufuze ibhola lezinyawo. Abadlali bebeyaye bakhahlele ibhola elifakwe amaqubu balifake enethini elalingaba ngama-40 cm ububanzi, egaxwe ezintini zoqalo.

## amaJaphani



Kamuva, ngeyawo-600 AD, iJaphani yavela nolwayo uhlobo lwebhola lezinyawo elalibizwa ngokuthi yi-"Kemari". Abadlali babema isiyingi, ibhola, balikhahlele lisuke komunye liye komunye ngaphandle kokulidedela lithinte inhlabathi. Siwujwayele-ke lo mdlalo, akunjalo?

**Ngaphambi kokufunda**

- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi leli tekisi limayelana nani.
- Yedlulisa amehlo ekhasini ukuba ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**

- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo.
- Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.



## amaGriki

AmaGriki ayenolwawo futhi uhlobo ayelubiza nge-"Episkyros", lapho ibhola lalikhahlelwa kona kodwa bese lithwalwa futhi. Lalidlalwa ngamaqembu amabili ayevunyelwa ukuthi abe nabadlali abangama-27! Lelo bhola lalifana nomdlalo wombhoxo wanamuhla.



## amaRoma

ERoma leli bhola lalibizwa ngokuthi yi-"Harpastum". Nakhona kwakuba namaqembu amabili anabadlali abangama-27 ohlangothini ngalunye. Kwakumnandi kubo bonke abantu ukubukela lo mdlalo. Izibukeli zaziya emidlalweni yeHarpastum njalo, kanti le midlalo yayidlalelwa ezakhiweni ezinkulu ezazifana nezinkundla ezinkulu lezi esizibona kulezi zinsuku. Kwakunika abathengisayo ithuba lokhu kuhlangana ngoba babeye bathengise ipizza nokunye ukudla kubantu abaningi ababeyizibukeli!





Masikhulume

- Ibhola lezinyawo laqala kumaphi amazwe?
- Ikhasi le inthanethi lisitshela ukuthini ngothando lwabantu lwebhola lezinyawo?
- Kwakwenziwa yini ukuthi lo mdlalo ungavunyelwa ngokusemthethweni?



ZUL HL Gr6 B1 TH4.indd 120 2019/01/02 10:18:18

Usuku:



## eNgilandi


ENgilandi abantu abejwayelekile nje babeye bahlangane balikhahlele emigwaqweni ibhola lize liyofinyelela ezinkundleni ezile kude. Le mdlalo wawunobudlova. Abantu babeye badudulane kulimale abaningi. Kwakungekho mithetho elawula umdlalo, kuyingozi nje ukuwudlala. Babewubiza ngebhola lezinyawo i-"Shrovetide". Amadolobha amancane abeye acelane inselelo, bese edlala. Amakhulu ngamakhulu abantu ayeqhudelana kushone ilanga kudlalwa. Ibhola lalivele likhahlelwe emigwaqweni yasedolobheni, emanzini, emakethe, lishayelwe nasophahleni lwezindlu. Babengekho onompempe nokuningi okwenza ukuba umdlalo uhambe ngendlela. Kwakungakhahlelelwa magoli kungekho mpempe ezokhala uma abantu bekhahlelana emizimbeni. Yikho abantu abaningi babegcina bephuke imilenze, izingalo namakhanda.



## Ibhola lezinyawo lagcina liwumdlalo ongavunyelwe ngumthetho

Ngonyaka wezi-1314, uKing Edward II wayala ukuthi iMeya yaseLondon ikuvale ukudlalwa kwalo mdlalo edolobheni. Wayengawufuni umsindo nokulimala kwabadlali edolobheni. Kamuva, iNdlovukazi u-Elizabeth wabamba abadlali abambalwa wabavalela ejele isonto elilodwa. Akukho nokho okwakungawuvimba lo mdlalo. Abaningi babeye bakhethe ukuvalelwa ejele kunokuyeka ukudlala lo mdlalo omnandi.

## Imithetho yokuqala ebholeni lezinyawo



Imithetho yokuqala ebholeni lezinyawo yaqala ukushaywa ngowe-1815. Isikole esasidumile esifundisa isiNgisi, i-Eton College sashaya imithetho yokuqala eyayiyimizamo yokwehlisa izinga lokungalawuleki kwalo mdlalo. Yonke le mithetho esiyibona namuhla yaqala lapho.

## Namuhla umhlaba wonke uthanda ibhola lezinyawo

Ukubekwa kwemithetho yalolu hlobo kwenza ibhola lezinyawo lithandeke kakhulu. Laqala ukusabalala lisuka eNgilandi, lagcwala iYurophu yonke, laye lachithekela nakwezinye izindawo zomhlaba. Indebe yokuqala yomhlaba yadlalwa ngonyaka we-1930. Kusukela lapho njalo ngonyaka wesine uba kona umqhudelwano wale ndebe. Wuphawu lokubaluleka kwebhola lezinyawo emhlabeni wonke leli. Eqiniswenі nje, ibhola lezinyawo namuhla yilo elihamba phambili kuzo zonke izinhlobo zemidlalo.



Masikhulume

- Yimiphi imithetho esinayo ebholeni lezinyawo kulezi zinsuku zanamuhla?
- Xoxa nomngani wakho ngokukhula kwebhola lezinyawo emlandweni walo. Yisho ukuthi lidlule kuphi nakuphi ekukhuleni kwalo. Yisho ukuthi ibhola lezinyawo lithandeka kanjani esikoleni sakho, emndenini, emphakathini kanye nakwezinye izindawo.



ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 121 2019/04/02 10:18:19

# Ukubhala imininingwane yolwazi





Bhala

Bhala ngohlobo olulodwa lwezemidlalo olwazi kahle. Ungabhali ngebhola lezinyawo. Khetha noma yimuphi omunye umdlalo.




- Qiniseka ukuthi uyazilungiselela. Hlanganisa imibono yakho neyabangani bakho nigcwalise ibalazwe lemibono.
- Bhala uhlaka lokuqala ephepheni nje bese ucela umngani wakho akulungisele amaphutha.
- Bhala-ke manje umbhalo wakho ngokucophelela ekhasini elingaphesheya.

1. Yiluphi uhlobo lomdlalo olukhethile?
2. Ngobani abaholi kulolu hlobo?
3. Uthini umlando wohlobo olukhethile lomdlalo?



4. Ithini imithetho yalolu hlobo?
5. Ludume kanjani?
6. Ludlalwa kuphi?





ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 122 2019/01/02 10:18:22

# Amagama achazayo



**Okunye ngesichasiso**

Kumele ukhumbule ukuthi isichasiso yigama elichaza ibizo kumbe isabizwana. Isichasiso sikutshela ukuthi umuntu, indawo kumbe into injani. Isibonelo: "inja" yibizo, ukuthi nje sifuna ukwazi ukuthi yinja enjani: "enkulu, ensundu, enoboya obuyimvukumvuku". Lezi zincazelo zisitshela kabanzi ngenja ethile.

**Isichasiso sisitshela kabanzi ngesibalo noma ngenani lezinto. Bheka uma sithi kunabafundi abayishumi ekilasini lethu. "Abayishumi" yisichasiso.** Isichasiso siphinda siphendule umbuzo othi: "Yikuphi?" Isibonelo:

- **Iyiphi inhlanzi ezophekwa?**
- **Yibuphi ubuhlalu ofuna ukubuthenga?**
- **Iyiphi inyathi esale yodwa emhlambini?**



Bhala Dweba umugqa phezu kwegama elingesona isichasiso kulawa alandelayo.

| | | | |
|---|---|---|---|
| -khulu | -sheshayo | iphepha | -fohlozela |
| -zacile | -ngasheshi | -khanyayo | -mnandi |
| -bomvu | -gijima | -thambile | ukhezo |
| -masinya | -sha | -fudumele | okotshani |



Sebenzisa amagama amahlanu esichasiso ukwenza imisho emihlanu.



ZUL HL Gr6 B1 TG.indd 124 2019/04/02 10:18:25

Usuku: ____________

**Bhala** Dwebela isichasiso emushweni ngamunye.



| |
|---|
| Kuzoba nezihlalo eziluhlaza nezibomvu enkundleni entsha. |
| Bekunemicamelo emibili kanye nezingubo ezifudumalayo embhedeni. |
| Wumdwebi odumile owenze lezo zithombe ezinhle encwadini yakho. |
| Ngiya emzini kaDudu ngiyobona imoto yakhe entsha. |
| Ubhake ikhekhe elimnandi likashokoledi. |
| Kukhona into ensundu, ecula njengenyoni. |
| Amahlengethwa amancanyana abhukuda nemikhoma. |
| Ikatshana elincane, elithulayo, elimpunga liklwebha itafula elikhulu. |



Hlela izichasiso ozidwebele ngenhla uzibhale emakhadini alandelayo.

| Inombolo | Umbala | Ukunambitheka noma iphunga |
|---|---|---|
| | | |

| Uhlobo | Ubukhulu | umsindo |
|---|---|---|
| | | |



ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 125 2019/01/02 10:18:27

# 61 Kuya nokuthi izulu linjani




Masikhulume

- Yisiphi isimo sezulu osithanda kakhulu? Ngani?
- Kubaluleke ngani ukuthi sazi izulu ukuthi lizoba njani kusasa nangempelasonto ezayo?
- Uke usilalele isimemezelo sezulu? Wenziwa yini?
- Linjani izulu namuhla?
- Chaza ukuthi izulu liba njani ngezikhathi ezahlukene zonyaka ngakini.
- Ucabanga ukuthi ungahlala endaweni ebandayo noma eshisayo? Zithini izizathu zakho ngalokhu?

Buka ibalazwe lesimo sezulu ngezansi bese ugcwalisa ithebula.



Masifunde






Bhala phansi isimo sezulu kanye namazinga okushisa kula madolobha alandelayo.

| Idolobha | Amazinga okushisa aphansi | Amazinga aphezulu okushisa | Nikeza incazelo yesimo sezulu |
|---|---|---|---|
| EPolokwane | | | |
| EGoli | | | |
| EBloemfontein | | | |
| EThekwini | | | |
| E-Upington | | | |
| EMthatha | | | |
| EGeorge | | | |

Bhala phansi izimpendulo zale mibuzo.

Yiziphi izindawo ezimbili ezishisa kakhulu eNingizimu Afrika? Nikeza amagama azo kanye namazinga azo okushisa.

Lina kuliphi idolobha?

Yiliphi idolobha elinomsinga obandayo?

Nikeza igama ledolobha elembozwe ngamafu. ______

Akuphi amazinga aphansi kakhulu okushisa, athini? ______

EMbombela moya ushesha kangakanani, uya ngakuphi? ______

Yilaphi lapho kulindeleke isichotho kona? ______


Yiliphi idolobha elinamafu athe gqwa gqwa? ______



ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 126 2019/01/02 10:18:29




Buka lesi sithombe esingezansi. Isithombe esifana nalesi sibizwa ngegrafu yemigqa. Qaphela ukuthi umugqa ngamunye unombala ohlukile. Isitshela ukuthini le migqa? Impendulo uzoyithola ezansi negrafu.







Susela kuleli thebula ukubhala usho ukuthi mibala mini yemigqa esho okulandelayo:

| | | | |
|---|---|---|---|
| Amazinga aphakathi naphakathi okushisa | | Amazinga olwandle okushisa | |
| Amahora alingene lapho ilanga libonakala kona ngosuku | | Izinga lomswakama | |
| Inani lezinsuku ezinesithwathwa | | Ukushesha komoya | |

Sebenzisana nomngani nibuke igrafu yemigqa bese niphendula imibuzo elandelayo.

Athini amazinga aphansi okushisa ngokuphela kukaSepthemba?

Kube namaphi amahora alingene okukhanya kwelanga ekupheleni kukaFebhuwari?

Umswakama bewuphakeme kakhulu kuyiphi inyanga?

Kube kuyiphi inyanga lapho ulwandle belunamazinga aphansi kona okushisa?

Iyiphi inyanga ebinamazinga aphakeme kakhulu okushisa?

Line kakhulu kuyiphi inyanga?

UTHISHA: Ukusayina Usuku



ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 127 2019/01/02 10:18:30

# Umjikelezo wamanzi




Masifunde

Noma yini ephilayo emhlabeni idinga amanzi. Ngaphandle komoya esiwuphefumulayo, amanzi ayinto ebaluleke kakhulu kuzo zonke izinto eziphilayo. Ngaphandle kwawo konke okuphilayo kungafa. Uma kuncipha amanzi emizimbeni yethu, izinto ezingasadingeki emzimbeni azikwazi ukuphuma. Lokhu kungalimaza izindawo eziningi emzimbeni womuntu, kudaleke nokugula.



Sidinga ukwazi ukuthi amanzi ajikeleza kanjani aze afinyelele kithina nje. Umjikelezo wamanzi uyinto engasoze yama, njengoba esuka olwandle aye emoyeni, abuye eze kithina ezweni nje.

Isithombe esilapha ngezansi sichaza siphinde sikhombise futhi ukuthi kwenzekani ngenkathi amanzi enza umjikelezo wawo.




1 **Ukuhwamuka**
Ilanga lishisisa amanzi emifuleni nasolwandle bese amanzi ephenduka umhwamuko.

2 **Ukuqoqana kwamaconsi**
Uma umhwamuko osemoyeni uqala ukubanda, uyaqoqana uphenduke ube ngamafu

3 **Imvula**
Uma amaconsi eseqoqene, umoya uyahluleka ukuwathwala.
Amafu asuke asindwe bese ewisela amanzi ezweni ngenye yalezi zindlela ezilandelayo isichotho, iqhwa, ingele (*sleet*), imvula,

4 Uma amanzi efika emhlabeni nasenhlabathini aphenduka amanzi agelezayo bese esetshenziswa yizitshalo nezilwane. Ahamba afike nasemifuleni, emadamini kanye nasolwandle. Uphinde umjikelezo uqale phansi futhi.



ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 128 2019/01/02 10:18:39

Usuku: ____________



Masikhulume

Bukani umdwebo womjikelezo wamanzi. Chazelanani ukuthi umjikelezo wamanzi wenzeka kanjani. Sebenzisani la magama ngenkathi nichaza: ukuhwamuka, ukuqoqana kwamaconsi, imvula.

- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umgqakazo
- Cela umngani wakho abheke amaphutha emgqakazweni
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.

Isithombe sikhombisa umjikelezo (wokwenzeka ngokulandelana).

Manje-ke bhala umusho ukuchaza okwenzeka kulelo nalelo banga lomjikelezo.

- Umjikelezo woku-1:

_______________________________________________

_______________________________________________

_______________________________________________

- Umjikelezo wesi-2:

_______________________________________________

_______________________________________________

_______________________________________________

- Umjikelezo wesi-3

_______________________________________________

_______________________________________________

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 129 2019/01/02 10:18:43

# 63 Umbhalo Wolwazi

Emasontweni amabili edlule ufunde izinhlobo ezahlukene zemibhalo (amatekisi) enolwazi.

Lungisela ukubhala owakho umbhalo onolwazi oluthile.

Kumele ukhethe izihloko bese wenza ucwaningo usebenzisa izincwadi eziyimithombo ne-intanethi.

Gcwalisa leli balazwe lemibono elizokusiza ukulungiseleleni.

- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umzamo wokuqala
- Cela umngani wakho abheke amaphutha emzamweni wokuqala
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.

## Isihloko sami



1 Isingeniso solwazi esenginalo

2 Engikufunde ocwaningweni lwami

3 Okushiwo ngochwepheshe ngesihloko

4 Imidwebo nezithombe engingazifaka

5 Izihloko engizozisebenzisa





ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 130 2019/04/02 10:18:49

# 64 Yini esebhokisini?



**Masikhulume**

Uke uyisebenzise incwajana noma inkomba yezinhlelo zikamabonakude? Ake uyibhekisise. Tshela umngani wakho ukuthi yiziphi izinhlelo othanda ukuzibuka. Shono ukuthi zikumaphi amashaneli, zivela ngaziphi izikhathi.



| Ishaneli SABC 1 | | Ishaneli SABC 2 | | Ishaneli SABC 3 | | Ishaneli Magic World | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 17:00 | Captain Planet (Kids) | 17:00 | Dragon Ball (Kids) | 17:30 | Oprah Winfrey | 06:00 | Channel O |
| 17:28 | Listen for a moment | 17:30 | News | 18:30 | Isidingo | 12:00 | Infomercials |
| 17:30 | News headlines | 18:00 | Takalani Sesame (Kids) | 19:00 | News@7 | 13:00 | Koowee (Kids) |
| 18:00 | The Bold and the Beautiful | 18:30 | 7de Laan | 19:30 | School channel | 18:00 | Channel O |
| 10:30 | Sporting highlights | 19:00 | News | 20:29 | News in 60 seconds | 19:00 | Studio Music |
| 19:00 | Main news | 10:30 | Pasella | 20:30 | Prison Break | 20:00 | A Brother with Perfect Timing |
| 20:00 | Weather in brief | 20:30 | Sport update | 21:15 | Weather for the week | 20:30 | Will it rain or shine? |



**Bhala**

Manje-ke funda inkomba yamabonakude ngokuqaphelisisa bese uphendula le mibuzo.



| | |
|---|---|
| Uzolubuka ngasikhathi sini uhlelo: Takalani Sesame? | |
| Yiziphi izinhlelo zemidlalo? | |
| Yiziphi izinhlelo ezikunika "izindaba ngomzuzu nje"? | |
| Kumele wethule amanqampunqampu ezindaba ekilasini. Yiluphi uhlelo ozothola kulo ulwazi oludingayo? | |
| Yiluphi uhlelo oluzokunika ulwazi ngesimo sezulu? | |



ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 132 2019/01/02 10:18:52

Usuku:

# Zihlole

| Ngiyakwazi | 🙂 | ☹ |
|---|---|---|
| ukufunda indaba | | |
| ukuqagela ngendaba ngokubuka imifanekiso nezihloko | | |
| ukuphendula ngomlomo imibuzo yokuqondisisa | | |
| ukukhomba abalingiswa abasemqoka endabeni | | |
| ukusebenzisa izichasiso ukuchaza umlingiswa | | |
| ukumchaza ngokubhala phansi  umlingiswa owake waphila noma ophilayo | | |
| ukulungiselela nokubhala indaba enomlingiswa okholekayo | | |
| ukuchaza okushiwo yiziqalo (iziphongozo) nezijobelelo zamagama | | |
| ukukhomba izisho nezifengqo endabeni | | |
| ukufaka kudayari indaba ngamafuphi | | |
| ukusebenzisa ibalazwe lemibono ekulungiseleleni indaba kugxilwe kubalingiswa, isizinda nesakhiwo | | |
| ukuzihlelela (*edit*) indaba yami neyomngani wami | | |
| ukuyibhala indaba esihleliwe | | |
| ukusebenzisa inkathi yokwenzekile | | |
| ukukhomba izenzo emishweni | | |
| ukwenza imisho kusetshenziwa inkathi yokwenzekile | | |
| ukubona nokusebenzisa isingasenzo | | |
| ukukhomba izichasiso | | |
| ukusebenzisa izichasiso ukwakha imisho | | |
| ukufunda umbhalo (itekisi) ukuthola ulwazi oluthile | | |
| ukubhala itekisi eliqukethe ulwazi | | |
| ukuqagela okuzolandela kubhekwa isimo sonke nokubonwayo | | |
| ukufunda ithebhula leligi lebhola lezinyawo | | |
| ukuphendula imibuzo egxiliswe etekisini lemidwebo namathebhula | | |
| ukulungiselela ukubhala itekisi elinolwazi oluthile | | |
| ukubhala itekisi lolwazi ngokulandelanisa kahle amaphuzu | | |
| ukusebenzisa ulimi oluchazayo | | |
| ukuchaza imidwebo nokubhala ngayo | | |
| ukufunda inkomba yeTV nokuphendula  imibuzo | | |



UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr6 B1 TH.indd 133 2019/01/02 10:19:03

